


UKUBEKWA UBUNTWANA ²

 Ngi . . . ngiphuze kancane nje. Bengilomunye umuntu okade elodlakela, udlakela sibili futhi besekumele ngihambe ngaleso sikhathi, ngoba kade bebabi sibili, bebabi sibili. Futhi ngatshayela indlela yonke ngisuka eMichigan, omkhulu wamapholisa kade etshaye ifoni, lokunjalo, ukuthi kade bebabi sibili, kakhulu sibili. Manje, kodwa kuzakuba kuhle; yonke into—yonke into ihlelekile, ngakho kulungile. Nxa iNkosi ingena, yonke into ihlelekile khona-ke, akusikho na? O, Mu—Muhle kakhulu; ukucabanga ngobuhle Bakhe lesihawu Sakhe, kulokho Ayikho kithi, futhi lokuthi ziligugu okunganani indumiso Zakhe.

Awu, sizamile ukuqalisa, sisithi sizathatha izahluko zokuqala ezintathu zeBhuku laba seEfesu. Futhi ngicabanga sithethe amabala okuqala amathathu, kumbe *okunye* okokuqala okuthathu lapho. Asizange sifike ndawo kangako, kodwa mhlawumbe lobubusuku singatshova phambidlana kancane. Manje, ngifuna ukutsho ukuthi angisomfundi weBhayibhili, ngendlela ezikude, futhi ngikude lokuba yisazi sezenkolo, kodwa ngi—ngiyayithanda iNkosi, futhi ngiyathanda Ukumkhonza futhi . . . [Umfo ukhuluma loMfowethu Branham—Mhl.]

Omunye umuntu, okwesiphangiphangi nje, uthe, singakaqhubekeli phambili manje, inkazana encane esibhedlela eLouisville, futhi ingcwethi zonke sezimehlulekile, usesifa khathesi, futhi ucela isicelo salumntwana. NjengamaKhristu, kungumlandu wethu ukukhothamisa amakhanda ethu, khathesi, okomthandazo.

Nkosi yethu elomusa, akusikho mlandu wethu kuphela, kodwa kulithuba lethu, futhi kuyi—kuyi sifiso sethu ukuthi sikhothamise amakhanda ethu lobubusuku njengebandla, njenge qembu lababiziweyo, abantu abakholwayo lapha lobubusuku, ukufundisa iLizwi Lakho, ukusibeka ezikhundleni phakathi koMzimba, lapho esimele sibekhona, futhi lalapho esingasebenza sihlanganiswe ndawonye njengamalunga oMzimba kaKhristu.

² Futhi khathesi kubizelwe kithi ukuba siye masinyane kuNkulunkulu. Futhi omunye wethu thina obaba sicabanga ukuthi, pho ngabe leyo bekuyinkazana yethu encinyane, inhliziyu zethu kade zingatshiseka kanjani njalo zizwe ubuhlungu ngaphakathi kwethu, futhi singabizela kumabandla ukuthi kube lomkhuleko ngokuphangisa. Futhi inhliziyu yomunye ubaba iyavutha, ibuhlungu. Nkosi, makuthi uMuntu omkhulu kaMoya oNgcwele abuye nje khathesi enhliziyweni kababa lowo. Susa lonke ithunzi lokuthandabuza,

futhi lobuhlungu bonke, futhi abe kwazi ukuthi Wena unguNkulunkulu futhi akulasifo esingama eBukhoni Bakho lapho umsebenzi Wakho wobuNkulunkulu usuyenziwe ngebandla Lakho futhi ngabantu Bakho.

³ Futhi laphakathi kweviki, sikhuleka, kusukela iSonto edlulileyo ngicabange ngalezi indlela kumbe indlela lezi zomkhuleko. Asila sikhali esingako ngokukhangeleka okuyikho emhlabeni, kodwa isavutha lesi esincane siyingozi nxa sibanjwe eminweni yokholo. O Nkosi, makuthi imikhuleko yethu itshaye khona sibili, lokho kufa phetsheya okulenga phezu komntwana lowo, futhi makuphahlazwe; ubumnyama, ukunyukumala, kusuke eceleni kombhedha walowo mntwanyana, lolosane kumbe umntwana, inkazana encinyane. Futhi makuthi ukuKhanya okukhulu koBukhona bukaNkulunkulu kukhanyise phezu kwakho. Makasuke kuleso sibhedlela, esengumntwana ophilileyo.

⁴ Nkulunkulu, siyazi nje ngaphetsheya komfula abathandekayo bethu basimelele, futhi kuyinkazimulo. Kodwa siyabathanda abancinyane bethu. Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi okwenkazimulo Yakho, ukuthi Uzageina impilo yalowo mntwana. Thina, njengebandla Lakho, siyakuza ukufa lokho, futhi sithi, “Mana uthule laphaya. Awungeke uthathe lowo mntwana, ngoba siyahluthula impilo yakho ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu.” Siphe izinto lezi, Nkosi, ukuthi zihambe khona kanye kokunenjwayo njengoba siziqondisa, eBizweni likaJesu Khristu, uMsindisi wethu. Amen.

⁵ Siyakholwa na? Angikwazi ukuthi ngangenzani uba ngangisomKhristu. Ngangingasoze ngifune ukuba ngibe ngisahlala esinye isikhathi. Akulanto yokuphilela, kuphela ukwenza abanye basindiswe, yikho okukhulu engikwaziyo.

⁶ Manje, lobubusuku sifuna ukuqalisa isisekelo esincane sesifundo sethu esamva. Futhi ngizazama ukubala, ngoba, isahluko sonke, nxa ngingenelisa lobubusuku. Ngakho ngeSonto ekuseni kuzamele ukuthi mhlawumbe ngifuqe kokubili iSonto ekuseni lasebusuku, nxa lokho kuqondile, ukuzama ukungenisa uhlelo lolu engifuna ukuthi ibandla lilubone. O, kuyinkazimulo ukuthola isikhundla sakho! Futhi akulamuntu ongenza ulutho ngaphandle ukwazi ngokuqondileyo lokho okwenzayo.

⁷ Pho aluba wawusiyakuba...kuba lokuhlinzwa, futhi kwakulo dokotela omncane owayesanda nje kuvela esikolo ukuthi uza...engakaze ahlinze ngaphambilini. Kukanti, wayemncane futhi emuhle, futhi lenwele zakhe zikanywe kuhle, futhi egqoke kuhle sibili, ececile, futhi lakho konke. Futhi wathi, “Sengilolile ingqamu, futhi sengigeze ngokubilisa wonke amathulusi lezinto.” Kodwa wawuzakuba lomuzwa omncane ongaahlalisekanga ngalokho. Kungaba ngcono ngibe lodokotela omdala odlule kulokho kuhlinza izikhathi ezinengi

ngaphambilini, ngingakafuni ukuthi ngisikwe. Ngi—ngifuna ukuba kwazi omunye umuntu hatshi kuphela ovela esikolweni, ngifuna umuntu oseke wakwenza.

⁸ Futhi Lowo osehlezi lomsebenzi okwesikhathi engimaziyo, ukumbiza lobubusuku, nguMoya oNgcwele. UnguMelaphi kaNkulunkulu omkhulu loMfundisi omkhulu.

⁹ Futhi ekubekeni isisekelo uMbiko wami lobubusuku, lokhu sisukela entshumayelweni yangeSonto, ukuthi kuyikuthi, balahla uSamuweli ngeLizwi leNkosi, futhi bemukela uSawuli, indodana kaKishi, futhi balahla uSamuweli, owayemela uMoya oNgcwele, ngoba wakhuluma kuphela lapho uMoya umkhokhelela ukuthi akhulume. Futhi lapho ebizela ukuba bakuhangelise, wathi, “Khumbulani, angikaze ngikhulume ulutho kini eBizweni leNkosi kodwa lokho iNkosi eyakwenza kwagwaliseka. Futhi angikaze ngihambe ngokungaziphathi phambi kwenu. Futhi akula muntu ongangicala ngesono.”

Njengo Jesu wathi, “Ngubani ongaNgicala ngesono?” Bona?

¹⁰ Futhi wathi njalo, ukuthi, “Angizanga kini futhi ngalicyela imali lokunjalo. Angithathanga lutho kini. Kodwa konke lokho engikukhulumileyo kungokokulisiza, lokho engikulethileyo kini kuvela emlonyeni weNkosi.”

¹¹ Futhi bonke abantu bayanika ubufakazi, “Lokho liqiniso. Konke liqiniso, kodwa lobakunjalo sifuna ukuba lenkosi. Sifuna ukuba njengomhlaba wonke.”

¹² Manje, lobubusuku, uMbhalo wethu yikwahlukanisa... iBhuku labase Efesu, liBhuku lika Joshuwa we Thestamente eliTsha. Yikwahlukanisa futhi lokuhlela “labo abanqobayo.” Manje, kuyisisekelo nje okwemzuzu emilutshwane, ukuthola indawo singakaqali ukubala, siqala ngendima 3. Manje, siyathola ngeSonto edlulileyo ebusuku ukuthi i... uNkulunkulu kuThestamente eliDala wenzela uIsrayeli isithembiso selizwe lokuphumula, ngoba basebe yizihambi futhi labazulayo. Futhi babeselizweni elingasilo labo, futhi uNkulunkulu wayethembisile ngoAbrahama ukuthi abeyisihambi... inzalo yakhe yayizakuba yizihambi okweminyaka engamakhulu amane phakathi kwabantu abangabafokazi, futhi baphathwe kubi, kodwa ngesandla esilamandla Waye zakubaletsa elizweni elihle elaligeleza uchago loluju.

¹³ Futhi, manje, lapho isikhathi sesithembiso sesisondele, uNkulunkulu waphakamisa omunye umuntu ukubaletsa kulelo lizwe. Bangaki ekilasini lobubusuku ukuthi lowo kwakungubani... abakwaziyo ukuthi lowo kwakungubani? UMose. Nanzelela, uhlobo oluqotho sibili, sibili loMunye wethu lowo owaphiwa kithi ukuthi asilethe eLizweni lesithembiso, UKhristu. Manje silesithembiso, ngoba isithembiso sethu yikuPhumula kukamoya, lapho, okwabo kwakuyikuphumula kwenyama. Futhi-ke babesiza elizweni lelo ababengathi, “Leli

yilizwe lethu, asisengabazulayo, sesihlezi phansi, leli yilizwe lethu, futhi lapha silokuphumula. Sizahlanyela amabele ethu, izivini zethu, futhi sizakudla ezivinini zethu. Futhi-ke nxa singafa, sizalitshiyela abantwana bethu.”

¹⁴ O, singangena kanjani elizweni lakho, imithetho yelifa, njengo Nawomi loRuthe, uBhowazi, sikubuyise konke lokho emuva, ukuthi kanjani umfo koIsrayeli, ukuthi kwakumele kanjani. . . loba yini lokho ayelahlekelwe yikho kwakufanelwe kuhlengwe yisihlobo esiseduze. O, kuhle okunganani! Kungathatha amaviki lamaviki lamaviki lamaviki, singeke sitshiye isahluko lesi, ukungena kukho. Singabophanisa iBhayibhili lonke phakathi lapha, khona kusahluko lesi esisodwa.

¹⁵ Futhi, o, ngiyathanda nje ukuSifunda. Sasijwayele ukuSithatha, futhi siSithathe okomnyaka lengxenywe, futhi singatshiyi iBhuku. Sihlale nje kanye Lalo.

¹⁶ Manje, kodwa, kwakuyinto enkulu ukuthi ilifa, ukuthi kanjani ilifa elizweni elokuthi kwakungela omunye umuntu kodwa isihlobo esiseduze esasingahlenga lelo lifa. Manje, ake ngiphose isiboniso esincinyane lapha engasibambayo ngobunye ubusuku, kini bomama. Bangaki lapha abake bakhulekela abathandekayo babo, abalahlekileyo? Kulungile. Nanko-ke njalo, bona, “Ilifa Lakho.” Bona?

¹⁷ UPhawuli watshela umRoma, wathi, “Kholwa eNkosini uJesu Khristu, futhi wena lemuli yakho lizakusindiswa.” Nxa ulokholo olweneleyo ukuthi wena ngokwakho usindisise, woba lokholo olweneleyo, kungenani ukuthi lowomfana uphiyazeke okungakanani, kumbe leyo nkazana kanjalo, bazasindiswa kungenani. UNkulunkulu, ngezinye indlela! Nxa kumele Abalalise ngomhlane wabo, belele lapho esibhedlela, besifa, bazasindiswa. UNkulunkulu wakuthembisa. Ilifa! O! “Futhi bazakuba khona lapho,” watsho uIsaya, “futhi lenzalo yabo kanye labo. Abasoze balimaze kumbe babhidlize entabeni Yami yonke engcwele, itsho iNkosi.”

¹⁸ O, ngilendawo encinyane engithemba ukuthi ngingafika kiyo lobubusuku, eyenu. Kuyavutha nje enhliziyweni yami, kwalokho kuyaphenduka kulokho njalo.

¹⁹ Kodwa manje, kusiya phambili. Khona-ke like lananzelela uMose, lowo menzi wezimanga omkhulu owaletsa phansi uIsrayeli phansi elizweni, futhi wabaletsa elizweni lesithembiso, kodwa akazange abeke ilifa labo kibo? Akabanikanga ilifa labo; wabakhokhelela elizweni, kodwa uJoshua wehlukhanisa ilizwe ebantwini. Kunjalo na? Futhi uKhristu waletsa iBandla endaweni lapho ilifa labo lenzelwa bona, laphiwa kibo, iJordani nje ukuyichapha, kodwa uMoya oNgcwele Yiwo Lowo ohlela iBandla. UJoshuwa walamuhla ubeka iBandla ehlelweni lalo, esipha komunye lamunye, iziphoh, izindawo,

isikhundla. Futhi UyiLizwi likaNkulunkulu likhuluma ngomuntu wangaphakathi lowo uKhristu amsindisileyo, uMoya oNgcwele. Manje liyakubamba okunengi kwakho? Manje sesingena eBhukwini labase Efesu. Manje, ngendlela efanayo, Uyabeka iBandla esikhundleni lapho abangabakhona. Manje, uJoshuwa wababeka elizweni lemvelo. Manje uMoya oNgcwele ubeka iBandla, esikhundleni, elizweni, ukuthi babe, esikhundleni leso okufanele babekuso, ilifa labo.

²⁰ Manje, into yokuqala uyaqala lapha, uyakhuluma encwadini yakhe, “UPhawuli...” Leyo, esizakufumana ngemva kwesikhathshana ukuthi yonke imfihlakalo leyi yambulwa kuye, hatshi eseminari, hatshi ngesazi sezenkolo, kodwa kwakuyisambulo saPhezulu sika Moya oNgcwele leso uNkulunkulu asipha uPhawuli. Ekwazi ukuthi imfihlakalo kaNkulunkulu, wathi, eyayifihliwe selokhu kwadatshulwa umhlaba, kwakwambulwe kuye ngoMoya oNgcwele. Futhi uMoya oNgcwele phakathi kwabantu wawuhlela ilowo lalowo, ubeka iBandla esikhundleni.

²¹ Manje, into yokuqala uPhawuli uyaqala lapha ukutshela abantu, yikuthatha yonke i...Khumbulani, lokhu ngokweBandla, hatshi kwabaphandle. Kuyimfihlakalo ngamalibho kuye, angeke enelise ukukuzwisisa, kuyahamba phezu kwekhanda lakhe, akazi lutho ngitsho lokuncane ngakho. Kodwa, eBandleni, luluju edwaleni, yintokozo engakhulumekiyo, yisiqiniseko esibusisiweyo, yisigxiliso somphefumulo, lithemba lethu futhi lokuhlala, liDwala laPhakade, o, yinto yonke enhle. Ngoba izulu lomhlaba kuzakudlula, kodwa iLizwi likaNkulunkulu aliyikudlula.

²² Kodwa indoda engaphandle kweKhenani ayazi lutho ngakho, ulokhu esazula. Ngingatsho ukuthi akasiyo ndoda elungileyo, angitsho lokho. Angitsho ukuthi lendoda eseGibhithe ayisiyo muntu olungileyo, kodwa u...kuze kuthi abuye kuleli lifa.

²³ Futhi leli lifa, lokho, isithembiso esaphiwa eBandleni akusilo ilizwe lemvelo, kodwa ilizwe lika moya, ngoba singabapristi bobukhosi, isizwe esingcwele. Khona-ke kulobu bupristi bobukhosi, isizwe esingcwele, abantu abangajwayelekanga, ababiziweyo, abakhethiweyo, abakhethwayo, ababekwe eceleni, khona-ke umhlaba wonke ufile ngaphandle. Futhi sikhokhelwa nguMoya. Amadodana lamadodakazi kaNkulunkulu akhokhelwa nguMoya kaNkulunkulu; hatshi ngomuntu, kodwa ngoMoya.

²⁴ Konke othandweni, into yonke iyabuthaniswa manje. Lokhu kuzanyiwe ukufundiswa ezikhathini ezinengi, futhi kungela kuthandabuza lokho osiyazi bezenkolo bangena kukho ngokujulileyo kulalokho engingakwenza. Kodwa into engifuna ukuzama ukuyiletha kini yileyi: ukuthi indoda

ekuKhristu, eloMoya oNgcwele, iyabekezelela umuntu nxa ephambukile; isineke, ukuthamba, ukubekezela; uyahlabusa, uthobekile, uthembekile, ugcwaliswe nguMoya; akaphikisi; uhlala engovumelayo; ngumuntu owahlukileyo.

²⁵ Hatshi indoda nje leyo, “Sake saba lakho. Nxa samemeza, saba lakho, thina amaMethodisti. O, lapho simemeza, sasiseLizweni.” Kuhle lokho, kuqondile lokho, ngiyakukholwa lokho lami.

²⁶ Khona-ke ama Phentekhosti beza bekhuluma ngendimi, babe, “Lakho; wonke umuntu owakhuluma ngendimi waye lakho.” Ngiyakukholwa lokho, lami. Kodwa kunjalo siyafumana ukuthi abanengi babe ngakabi Lakho, uyabona. Bona? Manje ba . . .

²⁷ Sesibuya manje emfihlakalweni enkulu ebifihliwe selokhu kwasekelwa umhlaba futhi khathesi isembulwa ensukwini zokucina kumadodana kaNkulunkulu. Liyakholwa lokho ukuba liqiniso, ukuthi amadodana kaNkulunkulu ayabonakaliswa? Singakayi ndawo, kasivuleni kwabaseRoma isahluko 8 okomzuzu nje, ake ngilibalele olunye ulutho. Bona uba lokhu kubuya kulokhu engikhuluma ngakho lapha. Manje sizakuthatha abaseRoma 8, indima 19 ye—ye sahluko 8 kwabaseRoma:

*Ngoba ukulangatha okukhulu . . . indalo kulindele
ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu.*

²⁸ Lokulangatha okukhulu, indalo yonke ilindele ukubonakaliswa. Bona, ukubonakaliswa! Kuyini ukubonakaliswa? Ukwenza kwazakale!

²⁹ Umhlaba wonke. AbesiMohamedi laphaya, bakukhangelele. Yonke indawo, ndawo zonke, bakukhangelele. “Bangaphi laba bantu?” Sike saba le . . . Sike saba lomoya olamandla ovunguzayo, sike saba lomdumo lombane, sike saba lamafutha legazi, sibe lenhlobo yezinto zonke, kodwa sehlulekile ukuzwa lelo Lizwi elincane elithuleyo elakhanga umprofethi owazithandela ngengubo futhi waphuma phandle, wathi, “Nangu mina ngilapha, Nkosi.” Bona?

³⁰ Manje izidalwa zonke ziyabubula futhi zilindele ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu. Manje, uPhawuli uzaqala ngokubeka iBandla lapho kanye elimele Libekhona. Manje ukuthola isisekelo nje, asibaleni njalo:

*UPhawuli, umphostoli kaJesu Khristu
ngentando kaNkulunkulu, kubo abangcwele (labo
ngaba “ngcwelisiweyo”) abaseEfesu, futhi . . .
abathembekileyo kuKhristu Jesu:*

³¹ Manje, ukuze ikilasi ingakukhohlwa, singena njani kuKhristu? Siyajoyina ibandla ukuze singene kuKhristu? Siyenza isivumo ukuthi singene kuKhristu? Siyacwiliswa

emanzini ukuze singene kuKhristu? Singena njani kuKhristu? AbaseKorinte bokuQala, isahluko 12, “NgoMoya munye,” munye, hlamvukhulu M-o-y-a, okungu Moya oNgcwele, “sonke sibhaphathizelwa eLizweni lesithembiso.”

³² Kuleli Lizwe lesithembiso, yonke into ngeyethu, eLizweni lesithembiso. Uyakubona, Mfowethu Collins? Bona, yonke into eLizweni lesithembiso! Lapho uIsrayeli echapha phetsheya kwaliJordani, bengena elizweni lesithembiso, balwisa into yonke!

³³ Manje khumbulani, kuleli Lizwe lesithembiso, akutsho ukuthi uvikelekile emikhuhlaneni, akutsho ukuthi uvikelekile enhluphekweni. Kodwa kuyatsho lokhu (O! Makuthi lokhu kujule.), kutsho lokhu, ukuthi kungokwakho! Sukuma nje njalo ukuthathe! Bona? Lapho . . .

³⁴ Futhi, khumbula, indlela kuphela uIsrayeli alahlekelwa ngayo ngumuntu, kulapho isono size singene esihonqweni. Yiyo kuphela indlela esingalahlekelwa ngayo yi—yikunqoba, yisono ukuba singene esihonqweni, enye into iphambanisekile kweyinye indawo. Lapho uAkani aze antshontshe isigaqa lesi lesembatho seBhabhiloni, isono sasisesihonqweni, futhi lempi ayihambanga kuhle.

³⁵ Ungiphe leli—lelibandla lobubusuku, leliqembu labantu, liphelele, liphelele esithembisweni sikaNkulunkulu, kanye loMoya oNgcwele, lihamba eMoyeni, Ngiyagolomba loba sifo bani kumbe ukuhlupheka kuphi, kumbe loba yini ekhona, wonke uJoe Lewis okhona elizweni, lakho konke ukungakholwa kwakhe, futhi labo bonke abangakholwayo abakhona, ukuletha loba yiwuphi umkhuhlane kumbe ukuhlupheka emnyango lowu, futhi bazaphuma lapha bephilile okupheleleyo. Yebo, mnumzana. UNkulunkulu wapha isithembiso, kuphela isono sokungakholwa singakuvimba. Manje sizakungena phansi kulokho isono lesi esincinyane esiyikho, ngemva kwesikhathshana. Manje:

. . . labo aba kuKhristu Yise:

Kakube kini umusa, lokuthula, okuwela kuNkulunkulu uBaba wethu, futhi . . . iNkosi uJesu Khristu.

Makabusiwe uNkulunkulu loYise weNkosi yethu uJesu Khristu, osibusisileyo ngezibusiso zonke zikamoya endaweni zasezulwini kuKhristu, ku—kuKhristu:

³⁶ Lapho sikuKhristu, silesibusiso sokomoya. Ngaphandle kukaKhristu, silemizwa. KuKhristu silesibusiso esihle. Hatshi inkolo yokufanisela, hatshi ukukhohlisa, hatshi okokufanisela. Kodwa kuphela nje uzama ukuthi useLizweni lesithembiso, futhi ungekho, izono zakho zizakufumana. Futhi, into yokuqala uyazi, uzazifumana ukhohlisa futhi—futhi konke, njengalokho

esikubiza emhlabeni, utshaphazekile. Uzafumana ukuthi awulakho lokho okhuluma ngakho. Kodwa lapho ukuKhristu uJesu, Ukuthembisile ukuthula kwaseZulwini, izibusiso zaseZulwini, uMoya waseZulwini, yonke into ngeyakho. UseLizweni lesithembiso futhi zonke izinto ngezakho. Amen. Kuhle okunganani! O, asifundeni:

Njengalokhu wasikhetha thina . . .

37 Manje, nanku lapha ibandla elikhubeka khona kakubi.

Njengalokhu wasikhetha thina kuye . . . (Kubani?)
Khristu.

38 Siyafumana manje, emuva ku—kuGenesisi lakuSambulo, USambulo 17:8, ukuthi Wasikhetha kuKhristu phambi kokusekelwa komhlaba. Manje, ilizwi . . . Mangibale olandelayo:

. . . ekusekelweni komhlaba, ukuthi sibe ngcwele futhi singelansolo phambi kwakhe . . .

Esimisele ngaphambili . . .

39 Manje ngifuna ukuma ebaleni lelo “ukumiselwa ngaphambili.” Manje, *ukumisela ngaphambili* akutsho ukuthi, “Ngizakhetha uMfowethu Neville, futhi a—a—a—angisoze ngikhethe uMfowethu Beeler.” Lokho akusikho. Yikwazi ngaphambili kukaNkulunkulu lokho okwakusazi ukuthi nguwuphi ozabe eqondile futhi lokuthi nguwuphi ozabe engaqondanga. Ngakho, ngokwazi ngaphambili, uNkulunkulu esazi lokho Ayezakwenza, Wamisela ngaphambili ngokwazi ngaphambili Kwakhe ukwenza izinto zonke ukuthi zisebenzele ubuhle kulabo abathanda uNkulunkulu, ukuthi Yena athi, esikhathini leso esizayo, abize zonke izinto ndawonye koYedwa, okungu Khristu Jesu.

40 Make ngilidwebele umfanekiso omncane lapha. Kuhle. Siyabuyela emuva, ngiyakholwa ngikhulume ngakho kancane ngobunye ubusuku, kumbe ngakuthinta, kuGenesisi, isahluko 1, 1:26, lapho uNkulunkulu ebiza iBizo Lakhe, “Nkosi Nkulunkulu,” kusebaleni lika El, Ela, Elohim, lokho okutsho “Lowo oziphilela Yedwa.” Kwakungela olunye ulutho olwalukhona kodwa Yena. Kwakungela moya, kwakungela kukhanya, kwakungela nkanyezi, kwakungela mhlaba, kwakungela olunye ulutho. KwakunguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa, El, Elah, Elohim. Manje, Wenza lokho.

41 Phakathi kwalokho kwakulezifanekiso ezazisitsho ukuthi Waye yi . . . Phakathi kwalowu omkhulu uEl, Elah, Elohim kwakulesifanekiso kumbe i . . . Liyazi ukuthi *isifanekiso* kuyini, kumbe mangikukhulume ngendlela leyi, kwakuyi “mvelo.” Ukwenzela ukuthi umfo omncinyane akubambe, futhi ngingomunye wabafo abancinyane abamele bakuthole ngaleyo ndlela. Phakathi Kwakhe kwakulemvelo yokuba nguBaba, kodwa Uyaziphilela yedwa, akula lutho Kuye ukuthi abe

nguBaba ngalo. Futhi, manje, phansi phakathi kwalokho kwaku ngolunye ulutho, ukuthi Waye nguNkulunkulu; futhi unkulunkulu yinto ekhonzwayo; kodwa Waye ngoziphilela yedwa, El, Elah, Elah, Elohim, ngakho kwakungela lutho olokuMkhonza. Phakathi kwalokho, Waye nguMsindisi, futhi kwakungelanto elahlekileyo yokusindiswa. Bona? Phakathi kwalokho, Waye nguMsilisi, bona, kodwa kwakungelanto egulayo eyayifuna ukusiliswa, kwakungela lutho olugulayo. Manje uyawuthola umfanekiso? Ngakho izifanekiso Zakhe, imvelo Yakhe yaveza lokho okukhona lamuhla.

⁴² Abanye abantu bathi, “Awu, kungani uNkulunkulu angazange akumise ekuqaleni?” “Yinyamazana elenhliziyi embi elolunya,” watsho uJoe Lewis, lowo owacala uJoe, kumbe uJack Coe, bona. Wathi, “Uyinyamazana elenhliziyi embi elolunya nje. Akula nto enjengoNkulunkulu. Nxa kwakulento enjalo, Wayezakuba yi. . .” O, nga. . . waMbiza nje ngenhlobo yonke yamabizo, bona. Kodwa yikuthi nje engabe elolwazi olunengi phezulu *lapha*, kodwa akala lutho phansi *lapha*.

⁴³ Manje, lokho, yikho lapho okukhona. Bona? Leli iLizwi liyakukhuluma lapha, futhi Ukufihlile. Futhi lezimfihlo bezifihliwe manje, khumbula, iBhayibhili lathi, “Selokhu kwasekelwa umhlaba, kulindele ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu,” ukuwatshengisa ebandleni. O, minabo! Liyakuthola?

⁴⁴ Manje ngiyama endabeni yami kancane nje, kumbe ngizaletha. . .Ngizakuya emcabangweni wami olandelayo ukubamba lokhu. Manje khumbula, kudlula izikhathi zonke zikaMose, ngemuva ezikhathini zaba profethi, ngemuva ezikhathini zonke, balindile kwaze kwaba yinsuku lezi zokucina ukuze izinto lezi zitshengiswe, ngokuya koMbhala. Kunjalo, ukuthi khona kwambulwe emadodeni kaNkulunkulu. Kungani? Kusukela kwabalahlekileyo. . .kuze kuthi njenge phiramidi, njengoba ngatsho, sisakha sisondele, sisondele, sisondele.

⁴⁵ Njengoba ngihlezi ngisenza lesisitsho, futhi ngathi, uNkulunkulu wenza amaBhayibhili amathathu. Elokuqala, waLibeka esibhakabhakeni, ukuhlelwa kwenkanyezi kweliphezulu. Lake labona ukuhlelwa kwenkanyezi kweliphezulu? Yiwuphi umfanekiso wokuqala wokuhlelwa kwenkanyezi kweliphezulu? Intombi. Yiwuphi umfanekiso wokucina wokuhlelwa kwenkanyezi kweliphezulu? Leo isilwane. Weza okokuqala entombini, Uza okwesibili njengeSilwane sesizwe sakoJuda. Bona?

⁴⁶ Wenza elilandelayo kuphiramidi, emuva ezinsukwini zikaEnoki, lapho besenza iphiramidi. Futhi babewalinganisa. Angikuzwisisi. Kodwa ezimpini, lapho abakhothama khona futhi baguqe ngamadolo abo okwesikhathi eside, futhi balinganise ubude bezimpi. Liyakwazi lapho asebelinganise

bafika khona khathesi? Baze bedlule ikamelo lenkosi. Futhi lapho leyi phiramidi isiya phezulu...Sasingeke siyakhe, ngalokho konke esilakho lamuhla. Sasingeke siyakhe.

⁴⁷ Iyakhiwe isiya phezulu njengalokhu, kwazekwafika emcijweni. Futhi lelitshe e...Ilitshe eliyisihloko alizange litholakale. Abafakanga isihloko phezu kwephiramidi. Angikwazi ukuthi liyakwazi kumbe hatshi, iphiramidi enkulu yeGibhithe, ayizange ibe lelitshe lesiqongo kilo. Ngani? Ilitshe eliyisihloko lalahlwa, uKhristu, ilitshe eliyiNhloko, bona, lalahlwa.

⁴⁸ Kodwa lapho sikhula sisuka esikhathini sikaLuther, isikhathi seBaptisti, Isikhathi seMethodisti, isikhathi sePhentekhosti, sesiphezulu eLitsheni elimbozayo manje, bona, silindele njalo silangazelela lelo Litshe elimbozayo ukuthi lihlale phansi, isakhiwo sesiphelele. Alibalanga yini eMbhaweni, “Ilitshe lalahlwa”? Yebo, siyananzelela ukuthi lokho kwakukhuluma ngethempeli likaSolomoni. “Kodwa iLitshe elalahlwayo selibe yiNhloko yegumbi.” Futhi ngitsho lokhu kuphela ukwenza u—u—u—umfanekiso kini.

⁴⁹ Manje, futhi eBhayibhili, siphila osukwini lokucina, isiqongo sephiramidi, inhlanzi eziphambeneyo zesikhathi semvukuzane ngokuhlelwa kwenkanyezi kweliphezulu, esikhathini sokubuya kukaLeo isilwane, elitsheni lokumboza, futhi lasensukwini zokubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu, eBhayibhili, bona. Bona lapho esikhona? Sisesikhathini sokucina.

⁵⁰ Bangaki abakade bebala iphepha kuliviki, lokho uKhrushchev futhi labo ukuthi batheni? O, sebelungele; ngakho lathi sinjalo. Ameni. Silungele! Kuhle, bona. O, kuli—kuli—kulithuba bani, kulusuku bani! Uba amaKhristu engananzelela usuku esiphila kulo! Minabo!

⁵¹ Ucabangani? Umlobi weBhuku leli, owakubonayo, futhi wabona lapho okwakuzabonakaliswa khona ensukwini zokucina, elindele futhi ebubulela lawo madodana kaNkulunkulu ukuthi avuke ensukwini zokucina, ngamandla kaMoya oNgewele ekupheleni kwesikhathi, ukwambala izinto ezifihlakeleyo kusukela ekusekelweni komhlaba, lokukuletha.

⁵² Manje asibuyeleni “ekusekelweni komhlaba” njalo, ukuthi sithole isambulo, ukubona ukuthi siqondile kumbe hatshi. Ngithemba angizenzi ongelanhlonipho ngokubiza uNkulunkulu ngokuthi, “Papa,” kodwa ngifuna ukukutsho ngaleyo ndlela ukuze likuzwisise. Papa! UPapa wayefuna abantwana, ngakho kuyini Akwenzayo? Wathi, “Makube khona iziNgilosi.” Futhi zeza zaMzungeza. O, kuhle lokho. ZaMkhonza, khona-ke Waba nguNkulunkulu, izifanekiso. Khumbula, Wayengu El (E-1), Elah, Elohim, oziphilela eyedwa, kungelalutho kodwa Yena. Into yokuqala eyabuyayo kwakuziNgilosi. Khona-ke,

iNgilosi zazingenelisi ukwenza okunye ngaphandle kokukhonza. Zazingeke zilahleke. Ngakho, Zazingeke zigule, Zaziyizidalwa ezingafiyo. Ngakho, Wayengeke atshengise amandla Akhe okusilisa, Wayengeke atshengise insindiso Yakhe. Ngakho-ke, ngaphambilini, manje aku . . .

⁵³ Khona-ke emva kwalokho, Wathi, “Sizakwenza ulutho olubambekayo.” Ngakho Wenza umhlaba. Futhi lapho Esenza umhlaba, Wenza zonke izidalwa zomhlaba, futhi-ke Wasesenza umuntu. Yonke into eyaphuma emhlabeni, kuqala ngo—ngoshobishobi kumbe inhlanzi elitepetepe, kuphela nje isimo senyama endenda emanzini, kwaqalela lapho, kusiya . . . kusukela kulokho kusiba lixoxo, okuluhlobo oluphansi lwempilo esingaluthola, bayatsho, lixoxo. Uhlobo oluphezulu kakhulu ngumuntu. Kusukela exoxeni kwaqala ukuba ngumpankwa, kusukela empankweni kwaya lokuya lokuya, futhi sonke isikhathi uMoya oNgcwele eqala ukuthi “whoosh,” ukuphefumula, impilo yabuya njalo; “whoosh,” impilo enkulu. Futhi into yokuqala, enye into yeza emfanekisweni kaNkulunkulu, lowo kwaku ngumuntu. Akulanto eyake yabakhona, engakaze ibekhona, engasoze idalwe futhi, loba yini ephezu komuntu, ngoba umuntu usemfanekisweni kaNkulunkulu. Bona?

⁵⁴ Khona-ke umuntu, lapho Esenza umuntu Wakhe wokuqala, manje, lapho Esenza izidalwa eziyiNgilosi, Wenza umuntu, “Wabadala Yena bona owesilisa lowesifazana,” bonke esiqwini sinye. Wayeyikho kokubili umfazi lendoda, owesifazana lowesilisa. Lapho esenza uAdamu futhi wambeka enyameni, khumbula, kuGenesisi 1, Wenza indoda lomfazi, futhi kuGenesisi 2, kwakungakabi lomuntu okulima umhlabathi, umuntu wenyama. Kungela muntu owayengabamba ulutho alime umhlabathi, kodwa kunjalo kwakulomuntu emfanekisweni Wakhe. “Futhi uNkulunkulu ungu . . .” [Ibandla lithi, “Moya.”—Mhl.]. Kunjalo. Bona? Wenza umuntu wokuqala, “owesilisa lowesifazana Wabadala.” Manje, lapho Esenza umuntu wokuqala . . .

⁵⁵ Manje, khumbula, konke ndawonye Wayelakho engqondweni Yakhe. Futhi ngeSonto ebusuku ngadlula kulokho. I—ilizwi ngumcabango obonakalisiweyo. UNkulunkulu wacabanga ukuthi Angaba nguNkulunkulu kanjani, ukuthi Angakhonzwa kanjani, Angaba nguMsilisi kanjani, Angaba nguMsindisi kanjani; futhi khonapho Ekhuluma iLizwi, kwasekuphelile nini lanini. O, nxa amadodana lawa kaNkulunkulu engabamba kuphela iLizwi lelo njengalokho! Lapho uNkulunkulu ekhuluma iLizwi, sekuphelile! Ngempela! Angabe eke walinda . . . Uhlelo lokwenzeka kwezinto embalini lutsho njalo, kumbe umgebhi emhlabathini wezinto zasendulo labobonke, batsho ukuthi mhlawumbe umhlaba wawulezigidi lezigidi lesigidi. Angikwazi, kwakungabe kungama thiriyoni

lama thiriyoni eminyaka. Angikwazi ukuthi kwakuyisikhathi esinganani. UNkulunkulu kaphili esikhathini. Akala mzuzu owodwa wesikhathi esedluleyo kulalokho Akwenzayo lapho Ekukhuluma. Ulokhu enguNkulunkulu. Akula sikhathi Kuye.

⁵⁶ Angizange ngibekwazi lokho ngaleyo ndlela kwaze kwaba ngobunye ubusuku, ngenye ikuseni, ngizama ukutsho. Kuphakade, akula izolo, akula ikusasa, konke kukhathesi. Wake wananzelela ibala “NGINGU”? Hatshi “Ngangi,” kumbe “Ngizakuba,” kulaPhakade, “NGINGU,” bona, “NGINGU,” izikhathi zonke.

⁵⁷ Manje, kodwa Wayefuna ukubeka izinto esikhathini. Wayemele enze olunye ulutho lukhonze, ngakho izifanekiso Zakhe zaletha lokhu. Khona-ke Wasesenza umuntu. Khona-ke, emuntwini lowu, wayekhangeleka elesizungu. Ngakho, manje, ukutshengisa manje ingqondo Yakhe enkulu, lokho ayelakho emfanekisweni kaKhristu leBandla, Akathathanga isigaqa sodaka esitshiyeneyo futhi wenza umfazi, kodwa Wathatha ohlangothini lukaAdamu, ubambo; njalo wathatha emoyeni ka Adamu, okwesifazana, futhi wasekufaka kulolu bambo. Nxa ubona indoda eyenza njengomfazi, kulenye into ephambanisekileyo. Futhi nxa ubona umfazi ofuna ukwenza njenge ndoda, kulenye into ephambanisekileyo. Bona, kulenye into ephambanisekileyo. Bayimimoya emibili etshiyeneyo, yonke. Kodwa, bonke, benza isiqu sinye, “laba ababili bamunye.” Ngakho wenza owesifazana lendoda, futhi babengasoze baluphale, bengasoze bafe, bengasoze baluphale, ngitsho. Badla, banatha, balala, njengalokho esikwenzayo nje, kodwa babengakwazi ukuthi isono sasiyini.

⁵⁸ Manje ngizakweqa lapha okwesinye isifundo ngesinye isikhathi, ngenzalo yenyoka. Leso, abangicelayo ukuthi ngikuphendukise lokho. Kodwa mangibone omunye umuntu ebuya angitshengise enye into eyahlukileyo. Yikho lokho engifuna ukubakwazi, bona.

⁵⁹ Manje, kodwa-ke emva kwalokhu konke, khona-ke lapho isono sesingenile phakathi, kuyini okuthathi ndawo?

⁶⁰ Khonale laphaya ngaphezulu, phezulu, isigidi, izigidi ezilikhulu zamamayila, kulendawo enkulu *kangako*, futhi lolu luthando lwe agapao olupheleleyo. Sonke isikhathi uthatha inyathelo *ngalindlela*, iyanciphisa i-intshi. Futhi liyakwazi ukuthi kuzakuba sekukuncane okunganani ngesikhathi kufika emhlabeni. Lithunzi lethunzi lamathunzi. Yikho lokho olakho, yikho lokho engilakho, ithunzi lethunzi lamathunzi lothando lwe agapao.

⁶¹ Kuleyinye into kuwe, kuleyinye into emfazini wonke olapha osedlule amatshumi amabili, kuleyinye into endodeni yonke phakathi lapha esidlule amatshumi amabili, ongafisa ukuhlala. Uleminyaka emihlanu kuphela, lokhu kusukela itshumi

lanhlanu kusiya kumatshumi amabili. Emva kwamatshumi amabili uyaqalisa ukufa. Kodwa, kusukela kutshumi lanhlanu, usasengumntwana okhulayo nje kuze kubelapho. Futhi-ke uyakhula uze ubengamatshumi amabili. Futhi emva kwamatshumi amabili, o, uyathi, “Sengiyindoda sibili.” Uphongukutsho lokho, kodwa kawusuye. Uyafa futhi uyaphela, kungenani lalokho okwenzayo. UNkulunkulu wakwenza ukuba ufike kuleyo minyaka, kodwa-ke usuzakufa. Khathesi kuyini okwenzakalayo? Khathesi uyaqalisa ukufa, kodwa phakathi lapho kuleyinye into kuwe ethi, “Ngifuna ukubalitshumi lasificaminwembili njalo.”

⁶² Khathesi ngifuna ukukubuza eyinye into. Aluba wazalwa iminyaka engamakhulu amanhlanu edluleyo, futhi wahlala uleminyaka elitshumi lasificaminwembili ubudala kuze kube lamuhla? Nxa wawungasoze ubeyinto yasendulo, lemicabango yakho yeminyaka engamakhulu amahlanu edluleyo! Bengakabuyi lapha obaba abayizihambi, futhi ulininakazi elincinyane ulalolohlobo lwemicabango. Ngani, wawuzakuba ngcono ukuqhubekela phambili futhi waba mdala futhi waphila iminyaka engamakhulu amahlanu. Bona, kulenye into engalunganga.

⁶³ Wena uthi, “Awu, khona khathesi ngizwa kahle sibili, Mfowethu Branham. O, ngi—ngi—ngileminyaka elitshumi lasificaminwembili, ngiletshumi lesithupha, ngizwa kahle.” Sithandwa, wothi ngikutshela enye into. Ukwazi njani ukuthi umama wakho uyaphila ngalumzuzu, nxa engekho kuleli bandla? Ukwazi kanjani ukuthi ijaha lakho alizange libulawe okwemzuzu nje emilutshwane edluleyo, kumbe inkazana yakho? Ukwazi kanjani ukuthi ekuseni awusoze ubeyisidumbu endlini yakho? Ukwazi kanjani uzaphuma phandle kwebandla lobubusuku, uphila? Yikungaqiniseki. Akula lutho oluqinisekileyo. Nxa uletshumi lanhlanu, itshumi lambili, itshumi lasificamunwemunye, amatshumi ayisikhombisa lanhlanu, kumbe amatshumi ayisificamunwemunye, kule... yonke into ayiqinisekanga. Awukwazi lapho ome khona. Kodwa kunjalo uyafisa ukubuyela kutshumi lanhlanu, itshumi lasificaminwembili. Kuyini okukwenza wenze lokho?

⁶⁴ Manje, nxa ungabuyela kutshumi lasificaminwembili futhi uhlale ulapho, futhi ungaguli futhi unga...uzamele ube labanye abantu kanye lawe, ngoba uzakhula ukwedlule khona, bona. Abantu bangahamba phambili kwezinye izikhathi futhi uzakuba yinto endala. Uzakuba ngodlulisileyo kulalokho owawuzakuba yikho aluba waguga kanye labo. Kodwa kulenye into ekubizelayo ukuthi ube lapho. Leyo yiyo i-agapao encinyane, lelo thunzi elincane elikwenza wena...Enye into ngaphezulu lapha.

⁶⁵ Manje, ngobunye ubusuku, kumbe ngeyinye ikuseni, ngehola lesikhombisa nta, lapho uMoya oNgcwele, ngokulunga

Kwakhe lomusa Wakhe, wangisusa kulumzimba, ngiyakholwa, ngiyakholwa. Yebo kumbe hatshi, angitsho, futhi ngangena phakathi kweLizwe lelo futhi ngabona labo bantu, futhi bonke babebatsha. Futhi ngabona abantu abahle sibili kulabo bonke engike ngababona empilweni yami. Futhi Wathi kimi, “Abanye babo babelamatshumi ayisificamunwemunye ubudala. Ngabaphendukayo bakho. Akumangalisi mememeza, ‘Mfowethu! Mfowethu!’”

⁶⁶ Manje, lowo ngumzimba kamoya, ukuthi lapho sisifa asibi yinsumansumane, siba ngumzimba. Nxa singaba, wonke umuntu, afe, nxa ibhomba le athomu lisidubula kulumzuzu, kumizuzu emihlanu kusukela khathesi sizabe sixhawulana izandla futhi sisingathana, futhi simemeza futhi siqhubeka kanjalo, futhi sidumisa uNkulunkulu! Yebo, mnumzana. Futhi Mfowethu loDade Spencer abahlezi lapha, ngithemba izithandwa ezimbili eziluphele ukwedlula bonke phakathi lapha, bazakuba litshumi lasificaminwembili, amatshumi amabili ubudala. UMfowethu Neville uzakuba nje ngumfana omncane, futhi lami ngizakuba ngumfana omncane. Futhi sonke nje sizakuba . . . Yilo kanye leliQiniso. “Nxa leli thabhanekeli lasemhlabeni lokuhlala kilo lidilika, silelinye elivele lilindele.”

⁶⁷ Nxa umntwana omncane ephuma kumama wakhe, njengokuzalwa kwemvelo, umzimba wakhe omncane uyatshila lezinyawo ziyeqa, lokunjalo. Lixolele ukukhuluma kwami, lina besifazana abatsha. Kodwa, lapho kusenza njalo, kulemisipha yempilo edlukuzayo. Kodwa lapho kusiza emhlabeni, into yokuqala, kuyabamba umoya wakho, futhi kulomzimba kamoya wemvelo ukubuya kulowo mntwana khona lapho. Kutshiye kunjalo, kuzathatha ikhanda lakho elincinyane futhi kungqikile ibele likamama wakho futhi kuqale ukumunya. Nxa kungazange kwenze lokho, uchago alungeke lwehle phansi.

⁶⁸ Lake lananzelela ithole lapho lizalwa, li . . . khonapho lithola amandla eneleyo ukuba sezinyaweni zalo? Ngubani olitshelayo? Liyabhoda khona ngakumama walo, liqale ukungqikila futhi liqale ukumunya. O, yebo!

⁶⁹ Ngoba, nxa umzimba lowu womhlaba ulethwa lapha, kulomzimba womoya olungiselele khona. Futhi masinyane njengalokhu . . . O, haleluya! “Futhi nxa lelithabhanekeli lalumhlaba lalapha esihlala khona lidilizwa, kulelinye elilindeleyo phetsheya.” Nje masinya lapho siphuma phandle kwaleli, singena kuleliyana; lowo ongafuni ukunatha amanzi aqandayo, awulasidingo sokunatha amanzi; lowo ongadliyo, awusiwo wothuli lomhlabathi. Kodwa nje baqotho, futhi bayezwa futhi baxhawule izandla, futhi bathande nje futhi yonke into iphelele. Futhi lowo mzimba umelele ngaphetsheya. Kuyingxenye yakho. Kulemithathu yayo.

⁷⁰ Uyaqala impilo yakho elaPhakade khona lapha elathini. Nanku lapho oqalela khona ilaPhakade. O! Uyaqala iMpilo elaPhakade khona lapha. Khona-ke ubusuzalwa kakutsha, indodana kaNkulunkulu. Futhi-ke lapho usifa, uyaqala...Lapho ukufa kwakho kukutshaya kulumzimba futhi inhliziyi iyekela ukutshaya, futhi amavili okufayo ayaqala ukuma, lelo thunzi elincinyane elaliyithunzi lethunzi, ngesikhatshana kuba lithunzi lethunzi, khona-ke okulandelayo kuba lithunzi, khona-ke okulandelayo kuba yikuthonta kwamanzi kancinyane, khona-ke okulandelayo kuba yiyisifudlana, khona-ke okulandelayo kuba ngumfula, futhi okulandelayo kuba lulwandle, futhi emva kwesikhatshana usumile phambi kwabathandekayo bakho bemile ngaphetsheya, begqoke izembatho zomzimba kamoya, ukuthi liyazana, lithandana munye lamunye, usuphduke waba yindoda entsha lowesifazana omutsha njalo. Khona kanye sibili. Uyalindela lapho kuze kube yikubuya kweNkosi uJesu. Futhi ngolunye usuku lowo mzimba okhazimulisiweyo Wakhe...Manje khumbula, lowo ngumzimba kamoya, hatshi okhazimulisiweyo, umzimba kamoya. Futhi ngolunye usuku lowo mzimba kamoya uzasuka eZulwini kanye loJesu.

⁷¹ “Ngoba ngithi lokhu kini,” kwabaseThesalonika besiBili, isahluko 5, kumbe kwabaseThesalonika bokuQala, isahluko 5, okukodwa kumbe okunye, “Ngithi kini, kangithandi ukuthi lingabi lakwazi, bazalwane, mayelana ngalabo abaleleyo, ukuze lingadabuki, njengabanye abangelathemba. Ngoba nxa sikholwa uKhristu wafa futhi wavuka njalo ngosuku lwesithathu, ngokunjalo labo abalala kuKhristu uNkulunkulu uzakuba letha kanye Laye. Ngoba sithi lokhu kini ngemilayo yeNkosi, ukuthi thina esiphilayo futhi esiseleyo ekubuyeni kweNkosi, asiyi kubandulela kumbe ukubengqabela” (ibala elingcono) “ukubengqabela labo abaleleyo. Ngokuba uphondo lukaNkulunkulu luzakhala, futhi labafileyo kuKhristu bazavuka kuqala.” Imizimba leyi kamoya iyehla phansi futhi igqoke owomhlaba, imizimba ekhazimulisiweyo. “Futhi thina esiphilayo lesiseleyo sizaguqulwa ngesikhatshana, ngokucwayiza kwelihlo, futhi sizakuhluthunywa ndawonye labo, ukuhlangana leNkosi emoyeni.”

⁷² “Angisoze nginathe okwesithelo sevini kumbe ukudla futhi ngize ngikudle kutsha kanye lani eMbusewni kaBaba Wami,” iDili loMtshado. Ngoba okweminyaka emithathu lengxenyi umphikukhristu uyaqeda ukubusa kwakhe, umhlaba wonke uyabhidlizwa, abaJuda bayabizwa, uJosefa uyazitshengisa kwabeZizwe, kumbe kubaJuda. Khumbula, lapho uJosefa ezazisa kubafowakhe, kwakungela oweZizwe loyedwa owayekhona. Lapho ethuma...Liyayazi indaba. UJosefa, umfanekiso ophelileyo kaKhristu, ngayo yonke indlela. Futhi lapho uJosefa ethumela kubafowakhe, futhi behla phansi, futhi

wakhangela futhi wabona uBenjamini omncane, futhi wababona lapho futhi-ke wa... Bathi, “Ngani, lumfo! Sa—sasingafanele ukuba sabulala umfowethu, uJosefa.” AbaJuda bebona ukuthi babenze iphutha; manje lapho uKhristu, lapho EZazisa kubo. Futhi uJosefa wayegcwele kangako, wayesekhala, phose, ngakho wasusa umkakhe laba bantwabakhe, labalindi bonke lezinye izinto futhi, futhi wabathumela endlini yobukhosi. Yikho sibili. Futhi-ke phambi kwabaJuda bodwa, wathi, “NginguJosefa, umfowenu. Ngingumfowenu.” Futhi-ke bawa futhi baqala ukuthuthumela, bathi, “Khathesi siyazi sizakuthola, ngenxa yokuthi sabulala umfowethu. Sathi sabulala umfowethu, futhi khathesi uyinkosi leyi enkulu.”

⁷³ Wathi, “uNkulunkulu wakwenzela injongo, ukusindisa impilo.” Leso yiso kanye isizatho uNkulunkulu wakwenza, ukusisindisa thina abeZizwe. Kodwa abeZizwe babesendlini yobukhosi. Haleluya! Eyalwe ngabafoWakhe, uJosefa, Wathatha uMlobokazi; futhi uMlobokazi waye ngowe Zizwe, hatshi umJuda. Kulungile.

⁷⁴ Khathesi, ususiya ngaphi khathesi? Emva kokugqoka umzimba lowu wenkazimulo, futhi lesikhathi esikhulu esizayo; lapho lumzimba okhazimulisiweyo, lumzimba kamoya usuyenzwe umzimba okhazimulisiweyo. Liyathola engikutshoyo khathesi? Khona-ke ngingahamba futhi ngithi, “Mfowethu Neville!” Mangilinike umzekeliso omncinyane. Ngithi, “Mfowethu Humes, asihambe phezulu kuPapa lamuhla ekuseni.” UnguNkulunkulu. Siyamazi Yena khathesi, UnguMsindisi, UnguMsilisi.

⁷⁵ Akukaze kube lento okuthiwa yikudalwa kwesono. Lokho akungenanga kuhle, kwenzile na? Isono kakusiyo ndalo. Hatshi, mnumzana! Isono yikuphambukisa. KuloMdali oyedwa kuphela, nowu nguNkulunkulu. Isono yikulunga okuphambukisiweyo. Kuyini ukufeba? Ukulunga okuphambukisiweyo. Kuyini amanga? Iqiniso lichazwe ngokungayisikho. Sibili. Kuyini ilizwi lesiqalekiso? Yizibusiso zikaNkulunkulu eziphendulwe zaba yilizwi lesiqalekiso kuNkulunkulu, kulokuba yisibusiso. Isono kasisiyo ndalo. Isono yikuphambukiswa. Ngakho, uSathane wayengeke adale isono, waphambukisa kuphela lokho uNkulunkulu ayekudalile. Kunjalo sibili. Ukufa yikuphambukiswa kuphela kwempilo.

⁷⁶ Khathesi, nanzelela lokhu—nanzelela lokhu. Khona-ke ngizahamba, futhi ngizakuthi, “Mfowethu Humes, masithi ngena lami, loMfowethu Beeler labanye abazalwane, sizenyukela kuNkulunkulu uPapa. Futhi, sithi, masithatheni uhambo oluncinyane. Lina bafana lalithanda izintaba lapho li...”

“Yebo, sasizithanda sibili.”

⁷⁷ “O, kulamamayila athile ayizigidi zawo phetsheya kulowo mhlaba omutsha. Hamba phambili, lizulazule phezu kwazo.”

78 “Kufanele ngi...?....ilanga usuku ngosuku, liqansa phezulu. Ngizakulizwa. Lapho besakhuluma, Ngizakuzwa.” UIsaya 66. Kunjalo.

79 Futhi liyazi, ngihamba phandle lapho, thina sonke siyahamba phandle lapho okweminyaka engaba phose amakhulu amahlanu nje, uhambo oluncinyane nje, isigidi, akwenzi ngitsho lomehluko, bona. Futhi khathesi—khathesi lokho kuzwakala njengokuhlanya, kodwa kuliqiniso. Bona, kuliqiniso, ngoba akula sikhathi, yilaPhakade. Futhi nxa ngiphuma phandle lapho, ngihamba ngisedlula phansi lapho, futhi liyazi lowo e—e—engihlangana laye phandle lapho? Ngithi, “Awu, nxa kungela Dade Georgie Bruce! Ngani, Dade Georgie, sokube yisikhathi eside selokhu ngakubonayo.” Ukhangeleka njengalokhu ayehlezi eyikho. Bona? Engaba leminyaka eyizigidi ezilitshumi ubudala, kodwa nje emutsha njengalokho ayeyikho. Uyabe enwaya omunye umuntu emhlane, futhi ngikhangele lapho, nguHlosi, isilwane.

Ngithi, “Unjani lamuhla ekuseni, Hlosi?”

80 “Meow,” njengo mangoye. “O, bengiphansi lapho ngikhuluma labanye odadewethu kuzungezele amaluba amakhulu phansi lapho, besiphansi lapho phose okweminyaka engaba ngamakhulu amahlanu, bona, sikhangelala lapho.” Manje, lokhu kuzwakala kuyibuhlanya, kodwa kuliqiniso. Yikho kanye. Yiyo indlela uNkulunkulu akumisa ngayo.

81 Awu, busisa inhliziyo yakho, Dade Georgie. Akula okulimazayo okungabuya, akulalutho ngitsho. Ngesikhathi santambama sizakuya phezu kwesiqongo sentaba, futhi sithi, “O Papa Nkulunkulu, ngake ngalahleka. O, ngangike ngabasemadakeni esono, Papa Nkulunkulu, futhi Wangisindisa.”

82 Ngani, abantu abazama ukutshengisa lokho bahlanya. Awu, lowo muntu owabhala indima yokucina ka *O Thando LukaNkulunkulu*, yalotshwa emdulwini wendawo yokugcinelwa khona abahlanayo, lowo owazama ukutshengisa uthando lukaNkulunkulu. Ukuthi Wakhothama njani ukusindisa izoni, lokuthi khona Wakwenza njani, uthando Lwakhe olwehla phansi ukusindisa wena lami. Khuluma ngokukhonza, iNgilosi azazi lutho ngakho! Ukukhonza, iNgilosi yazi kuphela... Iyema lapho futhi ihambise impiko Zayo emuva laphambili, lasemaceleni, “Haleluya! Haleluya!” Kodwa, o, isihawu! Lapho kusiza ekwazini ukuthi ngangilahlekile futhi khathesi sengitholakele, ngangifile, sengiphila njalo! O Nkulunkulu, ngangiyisono, ngangiludaka, futhi ngangiphansi egodini okulahlelwa ingcekeza!

83 Nanku okuhle lokho impilo eyayingakupha khona. Wake wahamba phansi lapha egodini okulahlelwa ingcekeza eColgate? Kuyindawo enuka kakhulu esengake ngaba kiyi. Leyo ntuthu

endala ingenza nje ngigule ukuyinuka. Ulele phansi lapho kuyo yonke leyo ntuthu endala, ugula kakhulu esiswini sakho, nje sikutshila, emva kokuthatha amafutha ekhasta. Bona, ugula nje njengalokho ongaba yikho! Futhi lamagundwane egijima ekweqa ndawo yonke, ezama ukudla phezu kwakho. Futhi yibo ubuhle bempilo. Futhi-ke omunye umuntu afinyelele phansi futhi akuphakamise. Futhi usumdala sibili futhi ungasakwanisi ukuzisiza. Futhi akuphakamise nje akuphendule ube ngumfana oleminyaka elitshumi lasificaminwembali ubudala, akubeke phezulu esiqongweni sentaba, khona ukuhluma kwempilenhle, minabo, ukuphephetha okuhle komoya omutsha njengalokho, amanzi aqandayo amnandi okunatha. Ungafuna ukubuyela kulelogodi lokulahlela ingcekeza futhi? Ngitsho, ngitsho, ngitsho, ngitsho ukuya kulelo godi lokulahlela ingcekeza futhi.

⁸⁴ Manje, yikho lokho okutshiwoyo, mngane. Yikho lokho lowo mbono, kumbe ukuguqulwa, loba yini, umbono. Ngizakuthi umbono, ngoba ngiyesaba ukuthi lokho kungaphambanisa omunye umuntu ukuthi ukuguqulwa, yikho lokho okwakuyikho. Manje, nanko lapho uNkulunkulu...lokho uNkulunkulu akwenzayo ukuletha amadodana lamadodakazi Kuye. Manje, ngobani abantu laba? Bake bakwenza njani...Kuyini abantu laba abakwenzayo ukuthi bafanele lokhu? Bakwenza njani khona? UNkulunkulu, ekuqaleni, iNgilosi ingakenziwa... Bangaki abakwaziyo ukuthi Akala mkhawulo? Nxa Engenjalo, Akasuye Nkulunkulu. Ngakho, uNkulunkulu, esihawini Sakhe esingakhawuliyo, Wabona ukuthi uLucifer uzakwenza lokho, uba Waye ngadala lokhu. Wayezakubabeka ekubeni bakhululeke ukuba bazikhethela, leso sisekelo. Futhi ulokhu ulapho, kunjalo, isihlahla sokuhle lokubi sibekwe phambi komunye lamunye wethu, wenza ukhetho lwakho. Futhi uLusifa waye ngowokuqala ukuthatha indlela engasiyo. Futhi waseqala ukudonsela ngakuye, elobuhwaba, ezama ukuzithathela konke kube ngokwakhe, ezama ukukhulela omunye umuntu. Futhi yikho lapho okwaqalela khona. Manje, lalela kulokhu. Yikho lapho isono esaqalela khona. uNkulunkulu, engqondweni Yakhe engakhawuliyo, wabona lokho, futhi wabona indlela kuphela... .

⁸⁵ Manje, lina bazalwane beziq ezintathu, angifuni kulizwisa ubuhlungu, kodwa kanjani eBizweni leLizwi elihle likaNkulunkulu lingabeka uJesu esiba ngumuntu owahlukileyo kuNkulunkulu ngoKwakhe? Nxa uJesu wayengathatha omunye umuntu futhi amenze ahambe ayekufa, ukuhlenga lumuntu lapha, Uzakuba ngumuntu ongalunganga. Kulendlela eyodwa kuphela uNkulunkulu ayengakwenza ngayo, kuzakuba yikuthatha indawo ngoKwakhe! Futhi uNkulunkulu wabayinyama ukuthi Anambithe ubuhlungu bokufa, ukususa udonsi lokufa kithi, ukuthi singahlengwa ngoKwakhe uQobo. Yiso isizatho Ezakukhonzwa kangako.

UJesu wayengumuntu, ngeqiniso Wayenguye. Wayengumuntu, m-u-n-t-u, ozelwe yintombi uMariya. Kodwa uMoya owawuKuye wawunguNkulunkulu ongela kulinganiswa, Kuye kwahlala ukugcwala ngokomzimba ubuNkulunkulu. Wayengu Jehova-jire, Wayengu Jehova-rapha, Waye nguJehova-manase, Wayengu Jehova; isiHlangu sethu, isiVikelo sethu, uMsilisi wethu; Waye nguAlpha, Omega, iSiqalo lesiPhetho; Waye yisiQalo, isiCino; Waye Khona, Lowo Okhona, futhi Oza Kuza; iMpande leHlumela likaDavida, iNkanyezi yoKusa, ngani, Waye yiKonke kukho konke. Kuye kwahlala ukugcwala komzimba wobuNkulunkulu!

⁸⁶ Futhi ukufa kwakuhlezi kulodonsi, ukuthi kwakuluma abantu, “Ah,” udeveli uthi, “Ngikutholile, ngoba wangilalela. Ngikulume, Ngizakufaka ethuneni. Lelo gazi lemvu alingeke likusize ngitsho, ligazi lenyamazana nje.” Kodwa uNkulunkulu, elwazini Lwakhe, wabakwazi ukuthi kuzakuba leWundlu elizayo, elihlatshwe kusukela ekusekelweni komhlaba. Yebo, mnumzana. Futhi ba . . .Walindela lesi sikhathi, ukugcwala kwesikhathi ukuthi kubuye.

⁸⁷ Kodwa ngolunye usuku lapho leliWundlu lisiza, luMuntu, uSathane laye wadlezelwa. WaMkhangelwa, wathi, “Nxa Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, yenza *lokhu*. Nxa Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, yenza isimanga futhi mangikubone Usenza. Mangikubone Usenza. Uh-huh, Ngizabophela ilembu ebusweni Bakhe, ngikutshaye Wena. Nxa Ungumprofethi, sitshele ngubani okutshayileyo Wena.” Hum! “Angi—angikholwa ukuthi Unguye uMfo. Nxa Unguye, sitshele khona kanye ukuthi Unguye.” Bona, konke njenga lokho. “O, sitshele ukuthi Unguye!” Akavulanga umlomo Wakhe. O, o, khonapho Wamphumputhekisa ukuze angaboni!

⁸⁸ Wakhangelwa kubafundi bakhe, futhi wathi, “Ngingakhuluma kuBaba waMi futhi AngaNgithumela amaligiyoni alitshumi lambili eNgilosi, nxa Ngangifuna.” UPilatu akazange akuzwe lokho, liyazi.

⁸⁹ “Nxa Wena ungueye! Nxa Wena ungueye. O, lowo Akasuye. Ngani, umkhangele Esopha. Heyi, abanye benu lina masotsha hambani khona ngale futhi limkhafulele emehlweni Akhe.” Bamkhafulela, baMeyisa, badonsa indevu ezigcwala isandla ebusweni Bakhe. “O, Akasuye! Hatshi, lowo Akasuye! Ngizagxilisa udonsi lwami Kuye, mfana. NgizaMthola phezulu ngale. Ngikutholile Wena khathesi!”

⁹⁰ Lapho Ekhala okokucina, “Eli! Eli! Nkulunkulu Wami! Nkulunkulu Wami!” Lowo kwakungumuntu. “Kungani UNgitshiyile?”

⁹¹ Esivandeni seGethsemane, ugcobo lwaMtshiya, liyazi, Kwakumele afe njengesoni. Wafa eyisoni, liyakwazi lokho; hatshi izono Zakhe, kodwa ezami lezakho. Yikho lapho uthando

lolo olwangenena khona, ukuthi Wathatha njani ezami! O, Halleluya! Ukuthi wathatha njani ezami!

⁹² Futhi nango Elapho, Wayengeke avule umlomo Wakhe. Udonsi lwathi, “Uyazi, Ngiyakholwa lowo kwaku ngumuntukazana nje. Waye ngazalwanga yintombi, ngoba ngigxilise udonsi lwami Kuye.”

⁹³ Futhi nango esiza, watshonisa udonsi lwakhe Kuye, kodwa leso kwakuyisikhathi esingayisiso, mfana! Wakhutshwa udonsi lwakhe lesosikhathi. Angeke alume futhi kusukela lapho, watshiya udonsi lwakhe phakathi lapho. Wavuka ngosuku lwesithathu, futhi wathi, “NgiNguye owayefile, futhi ngiyaphila njalo, futhi ngiyaphila kuze kube nininini, Ngilezihluthulelo zokufa lesihogo.” Yebo, mnumzana. Wehluleka ukubona ukuthi Lowo kwakungubani. “Futhi ngoba ngiyaphila, lizaphila lani. Akukabonakali . . .”

⁹⁴ Ngolunye usuku, ezintathu kumbe ezine izinsuku emva kwalokho, emva esenyukele kuBaba, wayesephendukile njalo, khona-ke abanye bathi, “O, Yena u . . . U—Ufanele abe yisipoko. Kufanele abe luhlobo lwento eyisipoko ngaye lowoMfo. Futhi thina . . . Limbonile Yena. Liwubonile umbono.”

“Hatshi, Wayengu Jesu sibili.”

⁹⁵ UThomasi wathi, “Mangibone izandla Zakhe layoyonke into, ngizalitshele nxa kuyikho.”

⁹⁶ Wathi, “Ngilapha Mina.” Wathi, “Lilenhlanzi lesinkwa laphaya? NgiLethele isamusi.” Futhi baMlethela isamusi, futhi wema lapho futhi walidla. Wathi, “Manje, umoya ungadla njengokuba Ngisidla? Umoya ungabe ulenyama lamathambo njengengilawo?” Bona? Wathi, “Mina Nginguye. Ngiyi lokho.”

⁹⁷ Futhi uPhawuli wathi, “Akukabonakali khona sibili uhlobo lomzimba esizakuba lawo, kodwa siyazi sizakuba lomzimba onjengo Wakhe.” Ini? Wake Waba lalowo mzimba wetiyofani? Yebo, mnumzana! Lapho Esifa, iBhayibhili latsho lokho “Yena,” yisabizwana somuntu njalo, “Yena waya esihogweni futhi watshumayela emiphefumulweni esentolongweni.” Halleluya! Ngabe Wakwenza njani? Waye lemizwa yokubamba, Wayelemizwa yendlebe, Waye lemizwa yokukhuluma, Watshumayela ngomzimba ofanayo engabona labo abakhazimulisiweyo ngobunye ubusuku. Watshumayela emiphefumulweni eyayisesihogweni, engazange iphenduke ezinsukwini zokubekezela zikaNowa.

⁹⁸ Kodwa lapho Evuka ngePhasika, kwakungelakwenzeka ukuthi lowo mzimba ubone ukubola, ngoba uDavida umprofethi wakubona ngaphambili, “Angisoze ngitshiye umphefumulo Wakhe esihogweni, futhi Angisoze ngivumele Lowo oNgewele Wami ukubona ukubola. Njalo inyama Yami izakuphumula ethembeni, ngoba Akayi kutshiya Lowo oNgewele Wami esihogweni, futhi Akasoze atshiya Lowo oNgewele

Wami ukubona ukubola.” Futhi emaholeni angamatshumi ayisikhombisa lambili ukubola kungakangeni, leyo tiyofani, lowo mzimba owahamba watshumayeza imiphefumulo eyayisentolongweni, leyo engazange iphenduke ekubekezeleni kwensuku zikaNowa, wavuka njalo, futhi okufayo kwagqoka okungafiyo, futhi Wama futhi Wadla, futhi Wasitshela ukuthi WayenguMuntu. Haleluya!

⁹⁹ Yiyo indlela esizaMbona ngayo, Mfowethu Evans. Yikho lapho Azakuhlala esihlalweni sikaDavida. Haleluya! Yikho lapho esizakuhamba sisenyuka sisehla, ngizathatha uhambo lawe ngaphetsheya kwezintaba okweminyaka eyizigidi, bona, insuku ezinlutshwane nje, imzuzu emilutshwane enje, sizakuya phetsheya laphaya, sihlale khona laphaya.

¹⁰⁰ Futhi khona kusiza isikhathi sokudla, liyazi, into yokuqala liyazi, uDade Wood wathi...Ngathi, “Dade Wood, awu, ubukade ungaphi sonke lesi isikhathi? Angizange ngikubone okwe...kukhangeleka kimi sengathi bekuyimzuzu elitshumi lanhlanu.”

“O, leyo yiminyaka ezinkulungwane ezimbili ezedluleyo, Mfowethu Branham.”

¹⁰¹ “Uh-huh. Uzwa kanjani?” O, yebo awungeke uzwe olunye ulutho kodwa okuhle.

¹⁰² “Wothi, wozani lapha, bafana, ngizalitshengisa lonke enye into, bazalwane, bazalwane bami abathandekayo. Nanku umthombo wamanzi lapha, amahle kulawo wonke elake lawanatha. Futhi, o, sizathola amnandi aqandayo okunatha. Ngizakufika phezulu lapho futhi ngithathe isixha esikhulu samagilebisi, futhi sonke sizahlala phansi lapho futhi siwadle.” Akusoze kumangalise lokho? Yikho sibili okuyikho. Yikho nje lokho.

¹⁰³ Sakuthola njani lokhu? Sikwazi njani lokho? UNkulunkulu ngaphambi kokusekelwa komhlaba, wasimisela ngaphambili! Obani? Labo abaseLizweni lesithembiso.

...wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana ngoJesu Khristu...njengalokho kwaba kuhle kuye ngentando yakhe,

Ukuze kudunyiswe inkazimulo yomusa Wakhe . . .

Ukuthi singaMdumisa njengoba Watsho. Yikho lokho Ayeyikho, uNkulunkulu. Sifuna ukuMdumisa.

...indumiso yenkazimulo yomusa wakhe asiphe wona ngesihle ngaye othandiweyo. (KuKhristu siyemukelwa.)

Esilokuhlengwa ngaye ngegazi, ukuthethelelwa kwe z-o-n-o . . .

¹⁰⁴ Kumele ngibuyele ekubekweni ubuntwana, kodwa ngifuna ukuma phezu kwe “zono” lapha okomzuzu. “Izono,” likunanzelele lokho? Liyakwazi uNkulunkulu kalahli isoni ngokona? Uyamlahla ngokuba yisoni. Nxa isoni sibhema igwayi, Akamlahli ngakho; uyisoni, kungenani. Bona? Bona? Akala zono, isoni kasila. Uyisoni nje, bona, akala ngitsho izono. Kodwa wena ulesono, lina elingamaKhristu. Uyananzelela lapha ukhuluma eBandleni. Ligcine liqondile. Bona? Bona? “Ukuthethelelwa kwezono,” z-o-n-o. Senza isono. Kodwa isoni siyisoni nje, UNkulunkulu akamthetheleli.

¹⁰⁵ Manje, wena uthi, “Awu, waya phandle lapha futhi wadubula umuntu. Kuyini ozakwenza ngakho?” Lokho akusi msebenzi wami. Angisuye mguquli, Ngingumtshumayeli. Umlayo uzakunakekela lokho, bangabaguquli. Banga. . . “Awu,” uthi, “wenze ubufebe.” Lokho, lokho—lokho kusemlayweni ukubonana lakho. Lokho kuphakathi kwakhe lomlayo. A—a—a—angisuye mguquli, angiguquli bantu. Ngifuna ukubenza baphenduke. Ngingumtshumayeli, bona, umsebenzi wami yikumusa kuNkulunkulu. Nxa wawona, lowo ngumsebenzi wakhe, uyisoni. UNkulunkulu uyamlahla ngesilinganiso esingaphezulu. Uyisoni kwasekuqaleni, ulahliwe okokuqala. Akazange afike esisekelweni sokuqala, a—a—akekho ndawo. Uyisoni okokuqala. Akala zono, uyisoni.

¹⁰⁶ Ubungeke uphume phandle futhi uthi, “*Lokhu* okungaka yibusuku, futhi *lokhu* okungaka akusibo busuku.” Hatshi, konke yibusuku, ubusuku bonke nje. Yikho lokho uNkulunkulu akutshoyo. Kunjalo, uyisoni nje yikho kuphela. “Manje, wakwenza lokhu, *lokhu* okungaka yibusuku, *lobu* yibusuku obukhanyayo sibili khona lapha.” Ngiyakwazi, kodwa nje konke yibusuku, yikho kuphela. Bona?

¹⁰⁷ Ngingeke ngithi, “*Lokhu* okungaka yikukhanya khona lapha.” Hatshi, konke nje yikukhanya, bona, ukukhanya nje, awungeke utsho ukuthi okunganani. Bona? Kodwa nxa elichatha elimnyama *kulokhu*, khona-ke kulobumnyama phakathi kwakho.

¹⁰⁸ Ngakho “izono,” i-z-o-n-o, silokuthethelelwa kwezono zethu ngeLakhe (ini?) iGazi, iGazi eliligugu.

. . . *ngokwenotho yokwakhe* . . .

¹⁰⁹ Sikukhohlwa kanjani? Ngoba sifanele, senza enye into ukuba izono zethu zithethelelwe? Okwani kwakhe?

. . . *umusa*;

¹¹⁰ O, minabo! Akula lutho engalweni zami engilulethayo, Nkosi. Akula lutho engingalwenza, akula lutho engingalwenza. Khangela! Wangimisela ngaphambili, Wangibiza, Wangikhetha. Angizange ngiMkhethe. Wangikhetha, Wakukhetha, Wasikhetha thina sonke. Asizange siMkhethe. UJesu wathi, “Alizange liNgikhetha, Ngalikhetha.” Wathi, “Akula muntu ongeza Kimi

ngaphandle uBaba Wami amdonse kuqala, futhi konke uBaba aNgiphe khona kuzabuya Kimi. Futhi akula loyedwa wabo olahlekileyo, ngaphandle kwendodana yokulahlwa, ukugcwalisa u—uMbhalo.” Uyabona? Wathi, “Kodwa konke uBaba aNgiphe khona kuzakuza Kimi.”

¹¹¹ O, sengiphuza, akunjalo na? Futhi angikaphumi phakathi kwalokhu. Angikaqali kulokhu lakhathesi. Mangiphangise, kumele ngingene kwenye into lapha nje khona masinya khathesi, futhi siphangise. Kumele ngiphenduke kulokhu ukubekwa ubuntwana nje okomzuzu. O, lingangixolela nje oko—nje okomzuzu? Asithatheni lokhu lapha, abanye babantu laba bavela yonke indlela eGeorgia lapha kuphela kwalobubusuku, zibusiswe inhliziyu zabo. Manje, mfowethu waseGeorgia, leTexas loba ngaphi ovela khona, lalela kulindima yesi 5. Asihlalani kiyo okwemzuzu emilutshwana.

Wasimisela ngaphambili ukuba—ukuba . . .

¹¹² Litshoni ibala elithi “ukuba,” ibala elithi “ukuba”? Litsho ukuthi enye into esiya kiyo, ukuba. “Ngiya emthonjeni. Ngiya esitulweni.” Humes, uyakuthola lokho? “Ngiya etafuleni.”

Manje, Yena *wasimisela ngaphambili ekubekweni ubuntwana ngoJesu Khristu kuye ngokwakhe, njengalokho kwabakuhle ngentando* Yakhe uQobo,

¹¹³ Intando enganani? Kwakuyintando kabani, ukulunga kukabani? Eyakhe Yena. Eyakhe Yena intando enhle yentando Yakhe Yena.

¹¹⁴ Manje, kuyini “ukubekwa ubuntwana”? Manje mangithathe lokhu khathesi, angikwazi kumbe . . . Angila sikhathi sokudlula kulokhu, kodwa ngizakuthinta. Khona-ke nxa kulombuzo, lingangibuza mbayimbayi kwesinye isikhathi embikweni, olunye ulutho. Lalelani. Ukubekwa kwakho ubuntwana akusikho ukuzalwa kwakho. Ukubekwa kwakho ubuntwana yikubekwa kwakho. Lapho uzalwa kakutsha, uJohane 1:17, ngiyakholwa, lapho sizalwa ngokukaMoya kaNkulunkulu, singamadodana kaNkulunkulu. Kodwa sasimiselwe ngaphambili. Manje nanku lokho engizama ukukuletha kini, okwalawa amadodana ensuku zokucina, liyabona, uku . . . Bona? Sasimiselwe ngaphambili (ukuba) ekubekweni ubuntwana.

¹¹⁵ Manje, manje nanku silapha. Manje, lokho yikho okuzwisa ubuhlungu iPhentekhosti kancane. Bathi, “Ngazalwa kakutsha! Dumisa uNkulunkulu, ngathola uMoya oNgcwele!” Kuhle. Ungumntwana kaNkulunkulu. Kunjalo. Kodwa kunjalo ke akusikho lokho engikhuluma ngakho. Bona, wamiselwa ngaphambili ekubekweni ubuntwana. Ukubekwa ubuntwana, yikubeka indodana.

116 Ngiseduze kakhulu lalokho, ngoba uBecky wangitshela ukuthi ngiyasondela kakhulu duze lakho, alikwanisi ukuzwa ngemuva. Mina ngi . . .

117 Bona, umntwana. Bangaki abaziyo imithetho yokubekwa ubuntwana kuThestamente eliDala? Yebo sibili selayikhangelana. Indodana yazalwa. Ngiyakholwa ngilakho kweyinye intshumayelo. Yini leyo, Gene, uyakhumbula? Kukuthephu. O, bekuyini lokho? Nga—nga—nga—ngakuthinta. O, yebo, ngikutholile, *LiMzweni Yena. LiMzweni Yena*; ukubekwa ubuntwana kwabantwana.

118 Manje, kuThestamente eliDala, lapho u—lapho umntwana ezalwa emulini, wayengumntwana lapho ezalwa, ngoba wazalwa ngabazali bakhe, wayeyindodana yemuli futhi lendlalifa yezinto zonke. Manje, kodwa leyi ndodana yakhuliswa ngabafundisayo. AbaseGalathiya, isahluko 5, 17 kusiya 25 indima. Kulungile. Wakhuliswa ngabafundisayo, abakhulisayo, abafundisi. Manje, njengokuthi, uba ngangilendodana izelwe, sithi, ngingubaba futhi . . .

119 Futhi lesi yiso isizatho ku King James, bangaki abake bacabanga ukuthi lokhu kwakubaleka okungazwisisekiyo kuKing James Version, lathi, “Ekhaya likaBaba Wami kulezindlu ezinengi”? Indlu, izindlu ezinengi. Bona? Sibili, ezi—ezinsukwini lapho iBhayibhili latolikelwa iNkosi uJames, *indlu* kwakungu “mbuso.” “*Embusweni* kaBaba Wami kulezindlu ezinengi.” Hatshi endlini, izindlu, kodwa Wayebizwa ngokuthi uBaba walowu umbuso. Babelakho ngokweBhayibhili, eBhayibhilini yiyo indlela okuyiyo.

120 Lapho ubaba wayelelikhulu inkalakatha lepulazi elilama ekha ayinkulungwane, kumbe enye into, wayelexuku labantu ababephila khona *lapha*. Wayeqhatshe izisebenzi eziphila khona *lapha* ukunakekela izimvu, wayelezinye *ngangapha* ukunakekela inkomo, wayelezinye *lapha* ezahamba endaweni yaphezulu lapho okwamamayilila alikhulu kude, futhi wayelezinye khona *lapha* zinakekela imbuzi, futhi wayelezinye zinakekela imbongolo futhi—futhi lezinto ezehlukenyayo. Wa—waye lombuso omkhulu nje. Futhi wagada ubabhemi wakhe omncinyane futhi wagibela ngalapho kulowo lalowo futhi abone ukuthi babeqhuba kanjani, ukugunda izimvu layoyonke into enjenga lokho. Waye engelasikhathi . . .

121 e Alingizwa lapho ngisuka lapho. Ngi—ngi—ngizazama ukuhlala ngemuva lapha. Liyangizwa kakuhle lonke khathesi, lapha? Khangelana.

122 Wagibela ehamba, futhi wahamba kude, ezama uku—ukunakekela umbuso wakhe—wakhe—wakhe. Ngakho khathesi ufuna . . .Leyo ndodana izakuba yindlalifa yento yonke alayo. Uyindla lifa.

123 Futhi lapho sizalwa eMbusweni kaNkulunkulu, ngoJesu Khristu, siyizindlalifa zaseZulwini, izindlalifa kanye loJesu, ngoba Wathatha indawo yethu. Waba yithi (isono), ukuze sibe Nguye (ukulunga). Bona? Waba yimi ukuze ngibe Nguye, bona, indlalifa kanye Laye. Kulungile, manje khumbula lokho, komunye lamunye wenu.

124 Manje, khumbula, uNkulunkulu wakumisela ngaphambili, ngokwazi ngaphambili, ukuthi wawusiza kuLokhu. Wonke umuntu okuzwisayo, phakamisa isandla sakho, bona. UNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili, wakumisela ngaphambili ukuza eLizweni lesithembiso. Liyini iLizwe lesithembiso kuMkhristu lamuhla? Phakamisa isandla sakho nje nxa ukwazi. “Isithembiso singesenu lakubantwana benu, lakulabo abakude. Futhi kuzakwenzakala ensukwini zokucina, utsho uNkulunkulu, ukuthi ngizathulula uMoya Wami phezu kwenyama yonke, amadodana enu lamadodakazi enu.” Futhi kuIsaya 28:18, “Umthetho kumele ube phezu komthetho, umzila phezu komzila; lapha okuncinyane, lalaphana okuncinyane. Bambelela kulokho okuhle. Ngoba ngendebe ezigagasayo futhi langezinye indimi ngizakuhluma ebantwini laba. Futhi lokhu yikuPhumula, u—ukuPhumula, ilizwe lesabatha engalithi kumele bangene kulo. Futhi, ngalokhu konke, abasoze bazwe, kodwa banyikinya amakhanda abo futhi bahamba, futhi bengafuni ukuKuzwa.” Bona? Khona sibili.

125 Kwakuyini? Khona kanye njengabantu labo ababebuye yonke indlela bevela eKhenani, kumbe bevela eGibhithe, yonke indlela besenyuka enkangala, futhi bafika khona eduzane, eduze okweneleyo ukunambitha amagilebisi lawo aphuma lapho elizweni. Mfowethu, lapho, lawo madoda bafuna ngidonsele emuva lokho, lokho kumaHebheru 6. Ngingakwenza njani? Lawo ngamakholwa asemngceleni, abasoze bachaphele phetsheya! Abangeke bachaphele ngaphetsheya. UJesu wathi, “Abethu . . .”

Bona bathi, “O baba bethu badla imana enkangala.”

126 Futhi uJesu wathi, “Bona, bonke, bafile.” Lokho yikwahlukaniswa. Bona, bonke bafile. Kunjalo. Wathi, “Kodwa ngiyiSinkwa sokuPhila esavela kuNkulunkulu siphuma eZulwini. Umuntu odla iSinkwa lesi, akasoze afe. Kunjalo. Yebo, mnumzana, uleMpilo elaPhakade nxa esidla Lokhu, ngiyileso siHlahla sokuPhila sasesivandeni seEdeni.”

127 Manje, bona, abantu laba babuya eduzane sibili! Bona, nxa ungananzelela kumaHebheru 6, asisabuyeli emuva kulokho, kodwa kumaHebheru 6, “Abantu laba bake benziwa abahlanganyeli, bafika eduzane sibili, futhi banambitha isipho saseZulwini.” Bahlala lapho, babona ukusiliswa kusenziwa, babona abantu emandleni kaNkulunkulu, babona impilo ziguquka, kodwa abangeke babeke isandla Kukho.

Hatshi, mnumzana. Hatshi, mnumzana. “Futhi banambitha amandla omhlaba ozayo; futhi nxa bengazama ukuzivuselela njalo ekuphendukeni, sibona ukuthi sebe—sebebezibethelele iNdodana kaNkulunkulu kakutsha, futhi babala iGazi lesivumelwano lelo ababengcweliswe ngalo. . .”

¹²⁸ “Ngingowe bandla elikhulwa yikungcweliswa.” Lokho kuhle ngokuhamba kwakho, kodwa awuyi kude ngokwaneleyo. Bona? Yebo, mnumzana. Inkangala yabangcwelisa. Yebo, impela. Babe le—babelenyoka yethusi futhi le—lelathi lethusi, layo yonke into phandle le, ukungcwelisa, kodwa bangena ePalestina ukuba baphumule. Abazange. . .

¹²⁹ Khangela khona kumaHebheru 4, akazange atsho “okunye ukuPhumula”? UNkulunkulu wadala usuku lwesikhombisa futhi wabanika ukuphumula ngosuku lwesikhombisa. Enye indawo wakhuluma ngosuku lokuphumula, “futhi lamuhla kuDavida.” Khona-ke Wabapha okunye ukuPhumula, “Wozani kiMi lonke elikhatheleyo lelisindwayo, Ngizalipha ukuPhumula.” Ngena ekuPhumuleni lokhu! Ngoba thina esingenileyo kulokhu kuPhumula sesisukile emisebenzini yethu njengoNkulunkulu wasuka kweYakhe ngesabatha. Sibili. Nanko ukuPhumula kwakho kweSabatha. Nanko ukuPhumula kwakho okuqotho kuleliLizwe lesithembiso.

¹³⁰ UMoya oNgcwele uyisithembiso sabantu. Futhi kungani befuna abatshumayeli abafundileyo labavela ezikolo ababavumela ukugqoka okabhudula futhi baqume inwele zabo, futhi bapende indebe, futhi lamadoda adlala amakhasi futhi banathe utshwala bekhulume insomo, futhi baqhubeke futhi besiya phambili njengalokho, futhi bazibize njengamalunga ebandla? Ngani, bazathatha into enjengalokho futhi bayale ukukhokhela kukaMoya oNgcwele! Ngani, iBhayibhili lathi iLizwi likaNkulunkulu libukhali kulenkemba esika nxa zombili elisika lahlukhanise amathambo, futhi lokudalula imicabango yenhliziyi. Yebo, loba imicabango yengqondo!

¹³¹ Futhi nxa sithanda umhlaba kumbe izinto zomhlaba, uthando lukaNkulunkulu alukho phakathi kwethu. “Abanengi babiziwe, balutshwane abakhethiweyo; ngoba lincinyane isango futhi indlela ilukhonjwana leyo ekhokhela ekuPhileni, futhi kodwa balutshwana abazakuyifumana. Abanengi bazabuya Kimi kulolosuku futhi bahlale phansi eMbusweni,” watsho uJesu, “loAbrahama, uIsaka loJakhobe. Kodwa abantwana bombuso baza phoselwa phandle, futhi bathi, ‘Nkosi, asizange senze lokhu eBizweni Lakho? Asizange sitshumaye! Sasingayisibo oDokotela *Si-bani-bani* loMhlonitshwa *Si-bani-bani*?’ ‘Angizange ngibelazi. Sukani Kimi, lina benzi bobubi, Angizange ngibelazi.’ Hatshi bonke labo abathi, ‘Nkosi, Nkosi,’ abazakungena phakathi. Kodwa lowo owenza iNtando kaBaba Wami oseZulwini, nguye lowo ongena phakathi.”

¹³² Nanko-ke, ukungena kuleli Lizwe elesithembiso. Singena njani kilo? Simiswele ngaphambili kilo. IBandla, ngokwazi ngaphambili kukaNkulunkulu, lamiselwa ngaphambili (ukwenzani?) kulo udumo Lwakhe, ngomusa Wakhe, kuyo inkazimulo, lokukhonza lenkazimulo kaNkulunkulu. UPapa, ehlezi emuva le ekuqaleni, oziphilela yedwa, kungelalutho oluMzungezileyo, wayefuna into eyayingakhonza, ngakho Wanqumela ngaphambili futhi wamisela ngaphambili iBandla, futhi ngaphambi kokusekelwa komhlaba, futhi wabeka amabizo abo eBhukwini lokuPhila leWundlu, Lapho be... bulala ngaphambi kokusekelwa komhlaba, ukuthi babonakale enkazimulweni Yakhe futhi lasendumisweni Yakhe esikhathini sokucina, lapho azakubuthanisa izinto zonke kuleyo Ndoda eyodwa, uKhristu Jesu. Whew! Dumo! Yikho lokho. Lokho nje... Futhi lokho kukhona lapho, mfowethu, dadewethu. Ungasuki kuLokho.

¹³³ UNkulunkulu, ngomusa Wakhe wokukhetha, wakubiza. UNkulunkulu ngomusa Wakhe wokukhetha, wakungcwelisa. UNkulunkulu, ngomusa Wakhe wokukhetha lamandla Akhe, wakubhaphathiza futhi wakubeka kuleli lizwe lokuPhumula. Labo abangene ekuPhumuleni lokhu sebemile ekulahlekeni kwabo. Sebemile emisebenzini yabo njengalokho uNkulunkulu akwenzayo kweYakhe. Balokuthokoza okungakhulumekiyo, lokugcwele inkazimulo! Isihlahla sokuPhila siyahluma phakathi kwabo. Balenhliziyo ende, ukuthambeka, ukulunga, ukubekezela kwenziwe ukholo, ukholo, ubumnene, ukuthambeka, lokunjalo. ISihlahla sokuPhila siyahluma kubo ngoba ithemba labo ligxilise kuKhristu Jesu, ubufakazi bukaMoya oNgcwele bufakaza ngezibonakaliso lezimangaliso zilandela amakholwa. “Lezi izibonakaliso zizakubalandela labo abakhulwayo.” Lapho behamba, bayasilisa abagulayo, bayaxotsha odeveli, bayakhuluma ngendimi, bayabona imibono. Baya... Futhi bahamba loNkulunkulu, bakhuluma loNkulunkulu. Akula develi ongabanyikinya, bahlalisekile, beddinga i... . . . Bekhohlwa izinto ezisemuva, bayakhuthalela uphawu lobizo oluphezulu kuKhristu Jesu. Nampo-ke. Nampo-ke. Yilo lelo Bandla.

¹³⁴ Bafika njani lapho? Awungeke uthi, “Awu, Nkosi, Uyazi, ngolunye usuku ngaqalisa ukubhema igwayi, futhi ngawa, khona-ke ngacabanga ngiza...” O, hatshi, hatshi, hatshi, hatshi.

¹³⁵ Ukumiselwa ngaphambili! Wasibiza, futhi lapho siMlandela kulapho sisithi, “Nkulunkulu, sasilahlekile futhi siphelile. Sasingela ngitsho umcabango wokuzisindisa. Sasiyimvelo yengulube, sasiyizingulube kwasekuqaleni.”

¹³⁶ Ungaya phandle esibayeni sengulube futhi ukhangele ingulube ensikazi endala, futhi uthi, “Manje, khangelapha,

nkazana endala, ngifuna ukukutshela enye into. Kubi kuwe ukuthi unathe amanzi alodaka.”

¹³⁷ Yena uzakuthi, “Oink-oink.” Bona? Manje, yikho lokho nje olakho ngokuzisindisa. Lokhu yikho.

¹³⁸ Uthi, “Ninakazi, awufanelanga ukugqoka impahla ezinjengalezo, kufanele ugqoke kühle. Kufanele wenze *lokhu*. Awufanelanga ukuhamba e. . . Awufanelanga ukuba lamaphathi amakhasi. Awufanelanga ubheme igwayi. Awufanelanga wenze *lokhu*. Mnumzana, awufanelanga uthwale *lokho*.”

¹³⁹ Uthi, “Oink-oink. Ngingowe *Oink-oink*.” Uh-huh. “Oink,” yikho nje abangabe bekwazi. “Awu, ngizakwazisa ukuthi ngiyafanana njengawe. Oink-oink!” Bona, bayala ukukhokhela kukaMoya oNgwele, ngokuba iBhayibhili latsho ukuthi uba uthanda umhlaba kumbe izinto zomhlaba, uthando lukaNkulunkulu kalukho ngitsho kuwe.

¹⁴⁰ Kuyini okubenza babe ngabehlukileyo? Uyisizwe esingwele. Kuyini elikwenzileyo? Lingene liphuma kulelo lizwe. Usungaphetsheya kwelinye iLizwe. Wangena njani phetsheya lapho? Yilo iLizwe elesithembiso. Luhlobo bani lwesithembiso? “Kuzakwenzakala ensukwini zokucina, utsho uNkulunkulu, Ngizathulula uMoya Wami phezu kwenyama yonke.” NgoMoya munye sibhaphathiziwe sonke kuleli iLizwe elilodwa elesithembiso. Amen. Bafowethu labodadewethu, haleluya, ngobumsulwa benhliziyo, kungelamhawu, kungelabutha, kungelalutho! Angilandaba nxa umzalwane elahleka, kungelandaba lalokho akwenzayo, uzakumlenda.

¹⁴¹ Ngalandelela umzalwane kungasikudala, wayeselahlakile. Umfana omncane wathi kimi, wathi, “Yekela lelogwelegwele lihambe. Umtshiye enjalo.”

¹⁴² Ngathi, “Uba ngingafika endaweni lapho inhliziyo yami ingahambi lomfowethu, khona-ke yisikhathi sokuthi ngihambe elathini, ngoba sengiwile emuseni.” Ngathi, “Ngizahamba lapho ingqe elokumphefumula emzimbeni wakhe, futhi ngizambamba kweyinye indawo ngasemzileni.” Yebo, mnumzana. Futhi ngambamba, haleluya, ngamphendukisa. Yebo, mnumzana. Usebuyelile esibayeni elondekile manje. Yebo, mnumzana. Wayengalahleka ngokuqiniseka njengomhlaba.

¹⁴³ Okwesikhathshana esedluleyo lapho ngibona umfazi ongumyanga omncane ehlezi lapho, futhi omkhulu wamapholisa wangibiza, wathi, “Ngani, ufanele ukuthi abe egqoke isembatho sohlanya.” Wathi, “Uyawumana nje, uphambene.” Wa—wa, bamfaka ewoteleni. Beza.

Ngathi, “Lokho kulungile.”

¹⁴⁴ Wathi, omkhulu wamapholisa wathi, “Ngani, Billy!” Ngiyamazi kakuhle sibili, futhi ngamazi kusukela ngisase

ngumntwana. Wathi, “Uba kungabakhona engingakwenza ukulisiza.”

Ngathi, “Lokho kulungile.”

Wathi, “Ungamsiza na?”

Ngathi, “Hatshi, kodwa *Yena* uyenelisa.” Ngathi, “Umzuzu nje.”

¹⁴⁵ Ngakho bamletha phandle lapho. Futhi lapho esuka isikhathshana esedlulileyo, ngokuthula. Kwakuyini? Sathumela umkhuleko emva kwakhe. Amen! Waye . . .

¹⁴⁶ Bathi, “Uyafuna ukuthola udokotela?” Wathi endodeni yakhe, “Uyafuna ukuthola udokotela?”

¹⁴⁷ Wathi, “Udokotela angeke amenzele lutho.” Futhi lokho yikho. Uyahlanya; udokotela angeke amenzele lutho.

Wathi, “Ithemba lethu kuphela yikuya *lapho*.”

Futhi wathi, “Billy, angikuzwisisi lokho.”

Ngathi, “Angikukhangeleli ukuthi ukuzwisise,” bona, “angikukhangeleli ukuthi ukuzwisise.”

¹⁴⁸ Kodwa, o, minabo, loba lami angikunzwisisi! Hatshi. Kodwa, mfowethu, uNkulunkulu eZulwini. . . Ngangikhatshana, phandle laphaya ngesinye isikhathi, Enye into yabuya emva kwami. Amen! Kwakungasikho ukuthi ngangifuna ukubuya, kodwa, hatshi, Enye into yabuya emva kwami. Ngoba ngaphambi kokusekelwa komhlaba, uNkulunkulu wamisela ngaphambili, haleluya, ukuthi sibe ngaBakhe, kulo udumo Lwakhe lenkazimulo. Lalela! Labo Abazi ngaphambili, Useyizeni? Ubabizile. Kunjalo? Wakubiza yini? Yebo! Kungani Wakubiza? Wakwazi ngaphambili. Labo Abazi ngaphambili, Wababiza; labo Ababizileyo, Ubalungisisile. Kunjalo na? Futhi lalabo Abalungisisileyo, Ubakhazimulisile! Amen! Yikho lokho iBhayibhili elakutshoyo. Labo Abazi ngaphambili, Wababiza. Isizukulwane sonke! Labo Ababizayo, Usevele wabakhazimulisa. Ini? Magibale uMbhalo lapha. Kulungile.

Wabamisela ngaphambili labo ukuba ngabantwana ngoJesu Khristu kuye ngokwakhe, njengalokho kwabakuhle Kuye uQobo. . .

Ukuze kudunyiswe inkazimulo Yakhe. . .

¹⁴⁹ O, uyakuthola khona? Ukuze kudunyiswe inkazimulo Yakhe! Ukuthi Ahlale lapho ezikhathini zaPhakade ezazizakuza, futhi abantwana Bakhe babezamemeza, “Abba, Baba! Abba, Baba!”

¹⁵⁰ Futhi iNgilosi zithi, “Kuyini abakhuluma ngakho? Kuyini abakhuluma ngakho?”

¹⁵¹ Kubekwe kuhle kundodana yolahleko. “Ngangilahlekile.” “Leyi yindodana yami. Wayelahlekile futhi khathesi usetholakele. Wayefile, futhi usephila njalo. Lethani ithole elinonisiweyo, isembatho esihle, futhi lendandatho futhi

liyifake emunweni wakhe. Futhi kasi...” Akumangalisi lapho inkanyezi zokusa zahlabela ndawonye, amadodana kaNkulunkulu amemeza ngentokozo, lapho bebona icebo losindiso, uNkulunkulu ebeka ibizo lakho eBhukwini ngaphambi kokusekelwa komhlaba.

¹⁵² Manje wena uthi, “UCalvin wayekholwa into enjengaleyo.” Angizange ngikholwe uCalvin. UCalvin wayengumbulali. UCalvin wabulala umuntu ngoba wayebhaphathiza eBizweni likaJesu. Wayeligwelegwele, wayedinga ukuphendukiswa, ngokwakhe. Yebo, mnumzana. Kodwa lokho akutshoyo, mayelana ngezinye izinto azitshoyo, zaziqondile. Unga... kodwa lokho aku... Isenzo sakhe, umuntu obulala umuntu entweni enjengaleyo, lokho kubi, lokho kuyisono. Kulungile.

Awandisa kithi...

¹⁵³ O, manini, angizange ngibambe lokho “ukubekwa ubuntwana,” ngikubambile? Sengiphuzile? Asiboneni lokhu linkombalanga ekutshoyo phezulu lapha, isikhathi bani esilaso. Kulungile. Asithatheni nje—nje imizuzu elitshumi ngenxa yabantu laba abavela kude. Khangela. Khangela.

¹⁵⁴ “Ukubekwa ubuntwana,” make ngilitshengise kungani kusenziwa khathesi. Ubaba ulombuso omkhulu, uyagibela ebhoda. Manje ulendodana ezelweyo. O, uyajabula sibili! (Lowo nguNkulunkulu.) Ngakho uyakwazi lokho lowobaba akwenzayo? Uyathola umkhulisi omkhulu, ofundisayo. Liyamazi ofundisayo ukuthi uyini, kalikwazi na? Ngumbalisi wesikolo. Uyathola umbalisi wesikolo omkhulu angamthola elizweni lonke. (Futhi-ke sesihamba khathesi, lalelani.) Futhi uyathola umbalisi wesikolo omkhulu angamthola. Akaphonguthola nje umuntu wamangamanga, ufuna umfana wakhe abe ngumfo oqotho.

¹⁵⁵ Alifuni abantwana benu ngaleyo ndlela na? Sibili, okukhulu ongabapha khona! Yebo, mnumzana. Ngakho nxa umuntu wemvelo wacabanga lokho, ucabanga ukuthi uNkulunkulu ucabangani ngabantwana Bakhe? Okukhulu Angenelisa ukukuthola.

¹⁵⁶ Ngakho, ufuna umuntu oza thembakala. Manje, yena angeke umuntu... afune umuntu othi, “Manje, khangela, mina—mina... Junior, yenza loba yini okufunayo, sithandwa.” “O, yebo, baba, uh—huh, uhamba kuhle, ungumfana olungileyo.” Athole ukumbambathwa okuncinyane emhlane losiba engwaneni yakhe. Hatshi, hatshi. Lowo mfo engaxotshwa khona khathesi. Sibili. Ufuna umuntu okhuluma iqiniso. Nxa kuyikuthi umfana lowo uza kahle, umtshele. Nxa engenjalo, umtshele lokho okubi.

¹⁵⁷ Futhi nxa ubaba wasemhlabeni wacabanga lokho... Awungeke ufune umuntu athembeke kuwe, umbalisi wesikolo athembakale ngabantwana bakho? Sibili. Awu,

ucabanga ukuthi uNkulunkulu ucabangani? Futhi Uyakwazi; asikwazi, Uyakwazi. Silomkhawulo, singeke satsho. Kodwa Akalamkhawulo futhi uyakwazi.

¹⁵⁸ Ngakho, uyazi lokho uBaba akwenzayo? Akazange athi, “Ngizathatha upapa ukukhangela abantwana Bami.” Futhi akatshongo ukuthi, “Ngizathatha u—ubhishopi.” Hatshi, hatshi. Akazange akwenze lokho, ngoba Wayesazi upapa uzakuba emubi, kanjalo lobhishopi. Bona? Akazange athi, “Ngizathatha umbonisi omkhulu ukukhangela amabandla Ami.” Hatshi, hatshi.

¹⁵⁹ Wathola uMoya oNgewele. Lowo kwaku nguMphathi Wakhe, uh-huh, ukukhulisa abantwana Bakhe. Kulungile. Khona-ke uzakuba kwazi njani ukuthi uMoya oNgewele uyakwazi? Ukhuluma ngezindebe zomuntu. Ubakwazi njani-ke ukuthi Ukhuluma iQiniso? Lapho ubona uMoya oNgewele ukhuluma ngezindebe ezikhuluma iQiniso khona kanye isikhathi sonke, ekhuluma ngaphambili futhi kugcwaliseka nje ngokupheleleyo, njengo Samuweli wathi, khona-ke uyakwazi ukuthi liQiniso. Libuya kahle. Ngoba uNkulunkulu wathi, “Nxa ekhuluma futhi lalokho akutshoyo kungenzakali, lingamuzwa, ngoba kangikho kanye laye. Kodwa nxa ekwenza, awu, khona-ke muzweni ngoba Ngikanye laye.” Bona? Nanko-ke. Yiyo indlela Enza ngayo.

¹⁶⁰ Manje, khona-ke Uyahamba ebhoda. Manje, ucabanga ukuthi lowo Mphathi uzakuthini nxa Wayezakwenyukela kuBaba? Futhi athi, “Abantwana Bakho—Bakho benza kubi. NgiyaKutshela, lowo mfana Wakho, yena, hum, ungumhlamuki. Ulihlongadlebe, Angikaze ngibone umfo onjalo! Minabo, Uyakwazi lokho akwenzayo? Futhi laleyonkazana Yakho! O, whew, Angikwazi lokho Ozakwenza ngaye. Hmm. Awu, Liyazi ukuthini? Ukhangeleka sengathi u. . . Uzipendile njengamanye amankazana laphaya. Filistiya. Yebo, Mnumzana, ufuna ukwenza njengalokho abakwenzayo.”

“Indondakazi yami?”

¹⁶¹ “Yebo, indondakazi Yakho.” Yikho lokho uMoya oNgewele ofanele ukukutsho mayelana ngebandla lamuhla. Akumangalisi asikwanisi ukuba lemvuselelo. Bona? Manje, lokho kuliqiniso.

“Pho indodana Yakho ke? Huh? Into efanayo.”

“Ini?”

¹⁶² “Awu, Uyakwazi Uhlezi usithi ukuthi lezo zimvu kumele zidle kulawo madlelo phezulu lapho kulokho Kudla kwezimvu phezulu lapho. Yebo, Uyakwazi lokho akwenzileyo? Uzihambise phansi lapho kuleyo nqumbi yokhula. Uzise nje phansi lapho futhi wazilahlela zonke esifudlaneni, futhi waziyekela zalala lapho kuleyo nqumbi yokhula, zisidla umnyezane omdala, futhi ziyahawula kakhulu azikwanisi ukuphuma lapho.” Labo ngobhishopi, abelusi abalandula aMandla akho. “Awu, ngiyaKutshela iqiniso, Angikaze ngibone ixuku elinjalo lezimvu

ezingahlalisekanga empilweni Yami.” Akakuthandi lokho. Hatshi. “Futhi Uyazi ukuthini? Zona inkomo phezulu lapha, Uyazi Wa—Wabatshela ukuba zidle kuleyo—kuleyo alfafa phezulu lapho, Uyazi, ukuzenza zinone?”

“Yebo.”

“Uyakwazi lokho azinika khona?”

“Hatshi.”

¹⁶³ “Leyo mihlabangubo emidala. Yebo. Uyazenza zijoyine amasoyathi lento yonke. Awukaze ubone okunjalo empilweni Yakho. Awukaze ubone okunjalo empilweni Yakho yonke. Uyakwazi lokho akwenzayo? Ehamba lapho phandle ngale ebhema isigazu esikhulu, eyamele ngemuva. Ulomkakhe kanye laye, ugqoke okabhudula njengama Filistiya akwenzayo phandle le. Yebo.” Yilo uhlobo lombiko uMoya oNgcwele amele aluthathe mayelana ngebandla lamuhla. Manje, ucabanga ukuthini mayelana ngalokho?

¹⁶⁴ Yikubekwa ubuntwana lokho. Lokho Aku... Akwenzayo? Wasimisela ngaphambili thina—thina ekubekweni ubuntwana. Wasipha uMoya oNgcwele; kodwa, mana okomzuzu, ukubekwa ubuntwana, yikho lokho esikhuluma ngakho. Ukubekwa ubuntwana!

¹⁶⁵ “Awu, Uyazi lokho akwenzayo? Ubhishopi wabuya ngolunye usuku, futhi wakhuluma. Waye lenkonzo yokusilisa encinyane phansi lapho, futhi ubhishopi wabuya. Omunye umfo, umfowethu, wabuya futhi wayekhulekela abagulayo. Futhi wathi, ‘Kuyekele lokho!’

“O, o, yebo, baba bhishopi, ngizakwenza lokho.’

“‘Ungasebenzelani labo.’

“‘O, hatshi, hatshi, baba bhishopi, sibili hatshi.’

¹⁶⁶ “Futhi nangu Mina ngisiza lapho futhi ngimtshela iQiniso liphuma eLizwini Lakho. Bona, nanti Lilapha. Ngimbalele imithetho Yakho khona kanye okokwenza, futhi akayilaleli. Wathi, ‘O, lokho kwaku ngokwesinye isikhathi, eyinye indodana kwesinye isikhathi. Lokho kakutsho mina.’” Nanko-ke. Lokho, manje leloliQiniso, mngane. Manje kalikuboni lapho ibandla elisilela khona ukubekwa kwalo, kungani singela mvuselelo, kungani singela zinto eziqhubekayo? Yikho lapho okukhona.

¹⁶⁷ UJoshua uthi, “Gad, ngikufuna u...khona phakathi lapha kukhona indawo yakho ngokuya kokulotshiwayo, indawo yakho ilapha, khona lapha. Wena ngena phakathi lapha, Gad, futhi uhlale lapha. Benjamini, wena hamba khona phansi lapha. Futhi khathesi lonke hlalani khathshana lomngele wama Filistiya.” Futhi uJoshua uyaphenduka, lapha bonke bagcwele kumaFilistiya, belongido omkhulu wakudala, bedansa nje njengalokho, futhi bonke abafazi bezigcobe ipenda, futhi bedansa lapho futhi besiba lesikhathi esikhulu. Futhi uJoshua

unwaya ikhanda lakhe, futhi uthi, “Manje ini?” Manje lokho yikho kanye nje okuthathi ndawo; hatshi bonke, kabongwe uNkulunkulu, hatshi bonke, kodwa abanengi sibili. Kulungile.

168 Manje kuyini okuthathi ndawo-ke? Yikho lokho okwenzakalayo. Kawucabangi ukuthi leyoNdoda, uMoya oNgcwele, ulenhloni phambi kukaBaba lapho Kumele etsho lokho? O, minabo! “Nga—nga—ngamtshela, kodwa ka—ka—kayikulalela Kikho. Ngamtshela khona lokho, futhi ngamenza wabala khona lapho eBhukwini. Ngaba—ngaba lomtshumayeli omncinyane oweza lapho futhi wantshengisa ukuthi uJesu Khristu ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Futhi Uyazi ukuthini? Wavumela omunye wabo—wavumela omunye wabelusi omdala wembuzi ukuza lapha futhi wantshela ukuthi lokho kwaku ngokwesinye isikhathi. Bona? Futhi wayenuka kubi ngesikhathi efika khona ngale, ngomnuko wembuzi, Uyazi, izigazu, futhi Uyazi, lokunjalo, wayenuka kubi lapho efika khona lapha. Bona? Kodwa NgiyaKutshela, lowo melusi wembuzi waye lamamendulo ekotshelwe kuye, ngoba, NgiyaKutshela, nxa Ungabhala ibizo lakhe ephepheni, kuzathatha (imbali yempilo yakhe) ingathatha ingxenyane yephepha ukwenza izihloko zakhe. Yebo, Mnumzana, bayamthanda sibili khona ngale elizweni lelo, kodwa, NgiyaKutshela, akakwazi sibili ukuthi izimvu zondliwa njani. Leyo ngenye into mayelana ngakho. AkaNgilaleli nje,” utsho uMoya oNgcwele. “Ngazama ukumtshela ukuthi Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini, kodwa a—akakwenzi nje. Uligwala elikhulu eNgingakaze ngilibone empilweni Yami. Yebo. Futhi ibandla selimenze waba ngumbonisi, ubhishopi, lokunjalo, abantu bonke bayamlalela. Futhi-ke Uyazi ukuthini? Bathatha lokho . . . balento endala encinyane phansi lapho abayibiza ‘itelevision.’ Uyavula into endala encane khona njenga *lokho*, futhi—futhi labo bafazi bayabuya futhi baqhubeke, zonke inhlobo zezigqoko ezingaphelanga. Futhi, Uyazi, inengi lamadodakazi Akho bayazifan- . . .”

“O, hatshi sibili!” Bona?

